# *YiMina, Ningesabi*

Ngiyabonga, Mfowethu Borders.

2 Ningahlala phansi. Lokhu ngikuthatha njengenhlanhla enkulu kulobubusuku, ukuba sendlini kaNkulunkulu ukukhonzisa abantwana baKhe abagulayo. Futhi siyaxolisa ukuthi asinayo indawo ekahle yokuhlala—yokuhlala nina. Njengoba sikhuphuka ngesitaladi bekukhona izimoto ezintathu noma ezine zihamba, bese kuthi-ke, siza *ngapha*, futhi bekukhona umugqa wabantu besuka endlini yokukhonzela, abebengenayo indawo yokungena. Futhi mhlawumbe ngeSonto elizayo, uma sizozama kanzima, mhlawumbe besingathola ihholo elikhulu lobusuku bokuvala ezansi lapha, futhi besingangenisa wonke umuntu.

3 Lapho unesixuku esiminyene, ku—kufika endaweni lapho kwenza khona abantu bethuke, futhi lapho uthola izethameli zethukile, uMoya oNgcwele awukwazi ukusebenza. Ufanele uze kuNkulunkulu nje ngenhlonipho yokuzithoba, ngokuthula, ukholwa, ngaphandle kokuphazamiseka, bese kuba nguMoya oNgcwele, kulula kakhulu kuWo ukusebenzana nathi.

4 Impela sibe nesikhathi esimangalisayo kuleliviki lapha ebandleni, kade ngikhuluma ngezinkonzo, ngezindaba zika-Abrahama, ngakha ukukholwa kwalobubusuku, okwenkonzo yokuphulukisa. Siphendule lengxenye yenkonzo ukuba sikhulekele abagulayo.

5 Manje, ngithanda ukuba wonke umuntu athole ukubambelela kahle impela eZwini likaNkulunkulu kuqala, ngoba ukuphulukisa kungokukaNkulunkulu . . . kusekubuyisaneni. Uma ukubuyisana okudala kwaveza ukuphulukisa, lokhu ngukuBuyisana okungcono kakhulu, kusobala bekungaba nokuphulukiswa kukho. NeBhayibheli lathi, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, nangemivimbo yaYo siphulukisiwe thina."

6 Manje, ukuphulukisa akulele esidalweni esingumuntu. Manje, ukuphulukisa yi—yisibusiso sokuhlenga sikaNkulunkulu esesivele sithengelwe wena eKalvari. Insindiso ayisiyo nhlobo into ethize eyenzekayo kulobubusuku, insindiso yakho yathengelwa wena eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula ngenkathi uKristu efela wena eKalvari, Yena . . . yilapho insindiso yakho yathengwa khona.

7 Manje, ufanele ukwemukele kube udaba lwakho oluqondene nawe. Wena uthi, "Ngiyisoni noKristu wangifela, futhi ngiyilowo Amfelayo, ngakho ngakho-ke, kulobubusuku, ngiza phezu kwezisekelo zeGazi elichithiwe, futhi ngemukela insindiso yami, ngazi ukuthi akukho engingakwenza phakathi

kwami uqobo, futhi ngiMethemba ngokuphelele nangokugcwele kulobubusuku, futhi ngikholwa ukuthi Uyangisindisa, ngokwesithembiso saKhe," khona-ke usindisiwe, akunandaba noma unomuzwa, noma ungenawo umuzwa, usindiswa ngokukholwa emsebenzini osuqediwe eKalvari.

8 Manje, leyo yindlela efanayo ophulukiswa ngayo. Lapho wena. . .Manje, wena uthi, "Awu, manje-ke, bengingeke ngidingeke ngisho ngize ebandleni ukuba ngisindiswe." Yiqiniso lelo. Noma yikuphi lapho ohlangabezana khona nezidingakalo zikaNkulunkulu, yilapho osindiswe khona; noma yikuphi lapho ohlangabezana khona nezidingakalo zikaNkulunkulu, yilapho ophulukiswa khona.

9 Manje, uNkulunkulu angewuguqule umbono waKhe ngezinto. Sikusho njalo njalo lokho, ukuthi okwethu. . . sisekela ukukholwa kwethu ngesizotha phezu kweZwi leNkosi, ngokuba lapho uNkulunkulu esho noma yini, Angeke ayihoxise. UnguNkulunkulu, Ungongenasiphelo, zonke izinqumo ziphelele.

10 Futhi manje, uma Enza isinqumo saKhe *lapha*, futhi siphelele, manje, Angeke enze isinqumo esiphelele ngokwengeziwe komunye unyaka, Uzofanele enze isinqumo esifanayo, ngoba, uma Enzile, Ubeyosilalelwa yilokho Ayenakho ku*lesi*. Futhi uma Enze isinqumo esingalungile *lapho*, awu, manje-ke uma Enze isinqumo esehlukile, njalo, *lapha* kunoma Enza *lapha*, khona-ke Wenza esingalungile *lapha*. Futhi uma Enze okungalungile, khona-ke Wayengeke abe nguNkulunkulu. Niyabo? Ngakho, nifanele nikhumbule lapho iNkosi isho noma yini, kuyoba yilokho impela okuyoba yikho.

11 Futhi manje, wena qobo lwakho. . .Manje, izikhathi eziningi ngibone abantu bebamba ngqi ekukholweni, futhi bazame ukufinyelela kukho, izikhathi eziningi abantu bavele badlule esicongweni sakho. Ukukholwa kulula kakhulu. Kungukuthi nje, eBhayibhelini niqaphelile ukuthi babheca ngani igazi na? Kwakuyihisopi. Awu, ihisopi nje wukhula olujwayelekile, nasezansi eGibhithe, kanti futhi enhla ePalastine ulithola likhula nxazonke emifantwini yezindlu zokulala, kanjalonjalo, khona impela emhlabathini, elincanyana nje, eliluhlaza satshani, elimise okwamakhona amathathu, iqabunga elimise okwedayimane linembali encane kulo, ubungalicosha noma yikuphi nje, kwakuyihisopi. Yilokho ababebheca ngakho igazi ekhothamo lomnyango, ihisopi. Futhi isizathu, bakwenza kwaba lukhula ngoba kumele ukukholwa.

12 Ulibheca kanjani iGazi na? Ngokukholwa, hhayi into ethize enkulu, kodwa nje ukukholwa okwejwayelekile, njengoba unakho, yileyondlela obheca ngayo iGazi. Njengokuthi, wena uthi, "Ngizophuma ukuba ngingene emotweni yami, ngiye ekhaya." Wazi kanjani ukuthi uyakwenza na? Awuqinisekile

ngalokho, ucishe impela uqiniseke ngakho, kodwa uyakholwa ukuthi uqinisekile, khona-ke qhubeka nje, wenza, futhi uyaqhubeka.

13 Yileyondlela efanayo ukuphulukisa okuyiyo. Kholwa nje eNkosini uJesu Kristu, Memukele njengoMphulukisi wakho phezu kwezisekelo zeGazi laKhe elichithiwe, ukuthi Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zakho, ngemivimbo yaYo waphulukiswa, hhayi ukuthi *bazo*phulukiswa kodwa *seba*, inkathi edlule. Senivele niphulukisiwe ngemivimbo yaKhe. Ngicabanga ukuthi leyo yinto emangalisa kakhulu, "Ngemivimbo yaKhe *sa*," enkathini edlule, "siphulukisiwe."

14 Manje, uMnu. Roberts, uMnu. Tommy Osborn, uMnu. A. A. Allen, o, abaningi kakhulu babazalwane ensimini onenkonzo yokubeka izandla phezu kwabagulayo nokubakhulekela (Futhi yilapho engithola khona *ukuhlehla*, "Awukhulekeli ngokwenele."), manje, labobazalwane abangamaKristu, ngikholwa ukuthi banenkonzo evela kuNkulunkulu. Futhi manje, bakhulekela amakhulu namakhulu ubusuku. Manje, lokho mhlawumbe . . . Manje, ngiyakholwa ngenhliziyo yami yonke ukuthi benza lokho uNkulunkulu abatshele ukuba bakwenze, leyo yinkonzo yabo.

15 Manje, kodwa uma nje nizongibekezelela umzuzwana, ngikholwa ukuthi kukhona indlela ephakeme yokufinyelela kuKristu kunokubeka izandla, ngoba, uma niqaphela, isiguli singasho lokhu: "UMfowethu u*S'bani-bani* ubeke izandla phezu kwami, ngiwezwile amandla kaNkulunkulu eza ngezandla zakhe," niyabo, lokho kufaka indoda kukho futhi, niyabo.

16 Kodwa lelo kwakuyisiko lamaJuda. Uma niqaphela, umpristi omncane wathi, "Woza ubeke izandla zakho phezu kwendodakazi yami," uJayiru, "futhi izophila." Manje, lokho, wayengumJuda.

17 Kodwa umRoma, oweZizwe, wathi, "Angifanele ukuba Ungene ngaphansi kophahla lwami. Khuluma iZwi nje, futhi inceku yami izophila." Niyabona lapho lokho kukholwa komRoma . . .? Kwabeka uJesu . . .

18 Waqhubeka ukuba athi, "Ngingumuntu ophansi kwegunya." Wayeyinduna yekhulu, okusho ukuthi wayengaphansi kwekhulu, amadoda ayikhulu, ebuthweni lamaRoma. Wathi, "Nxa ngithi ku*lona*, 'Hamba,' uyahamba; na*lona*, 'Woza,' uyeza." Wayazi ukuthi yonke into yayingaphansi kwesikhundla sakhe ayenokusilawula, kwakufanele kumlalele. Wathini, khona-ke, ngenkathi evuma uKristu, kulokho na? "Yisho kowami . . ." Washo lokhu: "U . . . Unamandla phezu kwanoma yini, phezu kwanoma yikuphi ukugula, khuluma iZwi nje."

19 Wathini uJesu ngalokho na? Waphenduka, futhi Wa—Wamhlonipha ngempela lowomRoma, Wathi, "Angizange ngikubone ukukholwa okunjalo kwa-Israyeli." Niyabo?

20 "Ungezi ubeke izandla zakho, khuluma iZwi nje." Manje, yilapho esizama khona ukuthola abantu, ukuba bakholwe ukuthi U. . .Akusiso isidalwa esithize esingumuntu, YiNkosi yakho, uJesu Kristu, kuyilokho Akwenzela khona.

21 Manje, into enkulu ebonakala yenzeka namhlanje kubantu, ukuthi bazama ukucabanga ukuthi sikhonza uhlobo oluthile lukaNkulunkulu womlando, noma WayenguMphulukisi omkhulu ngosuku olulodwa, noma WayengoMkhulu ngosuku olulodwa, kodwa namhlanje yinkumbulo, udaba lomlando. Lokho akulungile. IBhayibheli lathi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi Uyaphila; uma Esaphila, futhi uma Esaphila, Uzofanele afane emvelweni, ofanayo emandleni, ofanayo ngesimo sokuziphatha. UnguJesu ofanayo, amaHeberu 13:8, onguye izolo, namuhla, naphakade.

22 Uma bekukhona noma yiyiphi indlela ebengingayenza, awu khona-ke. . .Angisuye udokotela, angazi lutho ngomuthi, noma ukuhlinza. Ngi—ngiyahlonipha futhi ngiyakholelwa emthini nasekuhlinzeni, ngikholwa ukuthi kuyizibusiso ezithunyelwe nguNkulunkulu kithi, kodwa ngezinye izikhathi sifika endaweni lapho kungaphezu kwalokho isayensi yethu yezokwelapha enga—engakuphatha, khona-ke lapho sekufika kulokho, ngiyacabanga, esikhundleni sokuyeka futhi sife, sinelungelo lokuza eNyangeni eNkulu.

23 Uma udokotela wakho wendawo engenakukusiza, unelungelo lokuya kudokotela ogogodele isifo, futhi uma udokotela ogogodele isifo engenakukusiza, khona-ke asiye kuDokotela ogogodele isifo wodokotela abagogodele isifo, uJesu. Yingakho ngilapha, hhayi ukuthatha isiguli sikadokotela, kodwa ukukhulekela isiguli sikadokotela, umntwana kaNkulunkulu, nomngane wami, yingakho ngilapha.

24 Manje, umuthi awuphulukisi, sonke siyakwazi lokho, akukho-muthi ozisho ukuthi uyaphulukisa, odokotela abakusho lokho. Umuthi ulusizo emvelweni, uNkulunkulu unguMphulukisi. Akukaze kube khona noma ubani ophulukiswe ngomuthi, ungeke wakwenza. Ukuphulukisa kungukwakhiwa kwezicubu, futhi akukho lutho oluyokwakha isicubu ngaphandle kokuphila, kuthuthukise izicubu.

25 Manje, singaba nokukhulu. . .senze izinto kakhulu ngokuhlela ithambo, kodwa manje, lokho akuliphulukisi ithambo, kulibuyisela emuva nje ukuze uNkulunkulu aliphulukise. Into ethize izofanele ikhiqize ikhalsiyamu, kanjalonjalo, ukuphulukisa lelothambo. Manje, udokotela. . . Ngokwakho—ngokwakho. . .Enifanele nikwenze ngukuya kudokotela futhi nimenze alihlele, kodwa uma uNkulunkulu engaliphulukisi, alisoze laphulukiswa. Unezinyo elibi, udokotela angalikhipha, kodwa akakwazi ukuphulukisa ingoxe, nesicubu asidabulile. Angahle asuse i-aphendiksi, noma

isimila ohlangothini lwakho, noma okuthize, kodwa angeke aphulukise indawo lapho ephuma khona; angasusa, kodwa angeke aphulukise.

26 Umuthi awuphulukisi, akukho muthi ophulukisayo, uvele nje kalula ugcine kuhlanzekile, ngenkathi uNkulunkulu ephulukisa, futhi sifanele sikugcine lokho engqondweni.

27 Futhi manje, kulobubusuku, njengoba sisondela kuYe ngokuphulukiswa, manje, ngithanda ukubuza lento eyodwa, uma . . . Bangaki abantu phakathi lapha ongaphakamisa isandla sakho kulokhu, ukuthi uyakholwa ukuthi umBhalo uyasho, kumaHeberu 13:8, ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade na? Ngiyabonga.

28 Khona-ke uma ukukholwa lokho, uma umBhalo usho lokho, khona-ke ufanele ukhumbule ukuthi lokho umBhalo okushoyo kuyiqiniso. Manje, uJesu washo, ngenkathi Elapha emhlabeni, ukuthi Akenzanga noma yimuphi wemisebenzi qobo lwaKhe, sonke siyakwazi lokho, Wathi, "AkuMina owenza imisebenzi, NguBaba waMi ohlala kiMi, Wenza imisebenzi." Lelo yiqiniso, akunjalo na?

29 Futhi kuJohane 5:19 Wabuzwa ngokudabula ichibi lapho kwakukhona izinkulungwane zabantu, izinyonga, izimpumputhe, izishosha, nabashwabeneyo, futhi Wafumana umuntu elele ohlakeni, futhi Wayazi ukuthi wayekade ekulesosimo iminyaka engamashumi amathathu-nesishiyagalombili, futhi Wamphilisa, futhi wasuka wahamba, futhi washiya lesosixuku sabantu silele lapho, futhi Wabuzwa.

30 Ngicabanga ukuthi ukuba Ubesemzimbeni wenyama ehamba phakathi kwethu kulobubusuku, ubengenza into efanayo, Ubeyobuzwa futhi ngababaphathi bethu. Futhi Washo lamazwi, manje, kuphawule enhliziyweni yakho, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho E*bona* uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza."

31 Manje, bangaki owaziyo ukuthi lelo yiqiniso langokomBhalo na? Khona-ke uJesu akazange enze noma yiziphi izimangaliso uNkulunkulu waze waMkhombisa ngombono ukuthi enzeni kuqala. Uma kungenjalo, khona-ke Washo into ethize eyayingenjalo, nalokho kwenza imiBhalo ibe yiphutha. Manje-ke sikuphi na? Niyabo? Akazange nje akwenze nomaphi, akukho-mprofethi ongakaze akwenze nomaphi, benza kuphela njengoba uNkulunkulu abatshela futhi wabakhombisa ukuthi benzeni.

32 Manje, ngenkathi uJesu esemhlabeni, Wazimemezela Yena uqobo ukuthi unguMesiya, noJohane wamemezela ukuthi kwakukhona isibonakaliso sobuMesiya esiMlandelayo, neTestamente eLidala lasho ukuthi kuyobakhona isibonakaliso sobuMesiya, futhi Wafakazisa lesosibonakaliso sobuMesiya

kubantu, ukuthi WayenguMesiya. Ukuthi babekwazi kanjani, kwakungokuthi WayenguNkulunkulu-mProfethi. UMose, lowo ababemlandele, wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami." Siyakwazi lokho, siyakwazi lokho.

33 Futhi phakathi kwamaJuda na—namaSamariya Wakhombisa lesisibonakaliso, kusobala, Akazange phakathi kwabeZizwe, ngoba sasingabahedeni ngalezozinsuku, abantu bakithi, abeZizwe, amaRoma. Besingabheke Mesiya, futhi uMesiya ubonakala kuphela kulabo abaMbhekile. Yileyo indlela . . . Labo abaMlindileyo, Uzobonakala okwesibili. Ngakho kuzosifanela, kulobubusuku, ukuba siMlindele futhi siMbhekile, ukuze singakugeji lapho Efika.

34 Manje, uJesu ngaphambi kokumuka, ngicaphuna lemiBhalo ngaphambi kokuba ngishaye umlayezo wami, uJesu ngaphambi kokushiya umhlaba, Wathi, "Kuseyisikhashana, izwe lingabe lisaNgibona." Manje, *izwe* lapho yigama elithi *kosmos*, elichaza ukuthi, "uhlelo lwezwe." Niyabo? "Izwe ngeke lisaNgibona, nokho, niyoNgibona nina," lelo yiBandla, "ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Manje, sonke siyazi ukuthi umBhalo uyakusho lokho. Manje, khona-ke lokho kwenza uJesu abe nguye izolo naphakade.

35 Manje bhekisisani, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza, neminingi," manje, ngiyazi iKing James ithi *okukhulu*, kodwa uma uthola i-*Emphatic Diaglott* . . . Akekho owayengenza okukhulu, Wavusa abafileyo, wamisa imvelo, *kakhulu*, ngoba ngaleyonkathi, uNkulunkulu wayekuMuntu oyedwa, uKristu Jesu, "UkuGcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba kwakuhlala kuYe," kusho umBhalo. UThimothewu wokuQala 3:16, "Kuvunyiwe ukuthi inkulu imfihlakalo yokukhonza uNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni."

36 Wayebizwa ngo-*Emanuweli*. WayekuMuntu oyedwa kuphela, kodwa Yena, ngenkathi Yena, loMuntu oyedwa, eyiNdodana kaNkulunkulu, wanikela ngokuphila kwaKhe ukungcwelisa iBandla laKhe ukuze Abuye esimweni sikaMoya oNgcwele, futhi abe seBandleni laKhe, emhlabeni wonke. "Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza," uhlobo olufanayo, "*eminingi* kunalo niyakuyenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba waMi," ukuze Akwazi ukubuyela emuva esimweni sikaMoya oNgcwele futhi abe seBandleni laKhe, emhlabeni wonke.

37 Kusekuvumeni kwami, kulobubusuku, ukuthi uJesu Kristu uyaphila futhi akafile, Uphila eBandleni laKhe. Nakuba eziningi zezivumokholo zethu ziMphoqe ngaphandle, njengeBhayibheli, sibona oNyakeni weBandla laseLawodikeya, unyaka webandla wokugcina, okungunyaka wePentecostal esikuwo manje, UJesu wayemile, ekhishelwe ngaphandle kwebandla laKhe, engqongqotha emnyango ezama ukubuyela ngaphakathi.

"Bonke eNgibathandayo Ngiyabasola ngibalaye," ezama, "uma noma yimuphi umuntu eyovula, Ngizongena futhi ngidle naye."

38 Manje, phezu kwalokhu, phezu kwalokhu ukuvuma ukuthi, uma singabona kulobubusuku kulesisakhiwo ukuthi uJesu usaphila, futhi angafakazisa ngale kwethunzi lokungabaza ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, esimweni sikaMoya oNgcwele, ukulendlu ngqo, khona-ke uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Uzokwenza ngokufanayo njengoba Enzile izolo, namuhla, naphakade, ububele baKhe nothando kuzofana.

39 Futhi kwakusekelwe phezu kwezisekelo zokuthi, "Uma ningakholwa, Ngingakwenza. Ngenza njengoba uBaba eNgibonisa." Njengowesifazane wathinta ingubo yaKhe, kwaphuma amandla. Waqalaza phezu kwezethameli waze Wathola owesifazane owaMthintayo, Wathi, wamtshela ngomopho wakhe wase unqamukile ngenxa yokuthi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile.

40 Niyaliqaphela lelogama elithi *sindisiwe* na? Kucinge lokho eBhayibhelini futhi ubone ukuthi akusilo yini igama lesiGreki elifanayo ngaso sonke isikhathi, *sozo*. Kusho ukuthi, "usindiswe ngokwenyama," noma "usindiswe ngokomoya," okukodwa, kuyasebenza. Kuhunyushwe into efanayo izikhathi zombili esiGrekini, s*ozo*. "Ukukholwa kwakho kukusindisile." Kukusindisile kukuphi na? Isono. Kukusindisile kukuphi na? Umopho. "Ukukholwa kwakho kukusindisile." Futhi konke kusekeleke phezu kokukholwa.

41 Manje, sithola ukuthi ngenkathi uJesu elapha futhi Wakhombisa ukuthi Yena uqobo WayenguMesiya, kwakukhona abaningi babo abangakukholwanga, futhi babefuna ukuMbeka esigabeni njengombhuli, uBelzabule, udeveli owayenza umsebenzi kaNkulunkulu. Noma yimuphi kini uyakukhumbula lokho eBhayibhelini na? Kulungile. UJesu wathi, "Ngiyanithethelela ngalokho, kodwa nxa uMoya oNgcwele efika ukuzokwenza into efanayo, ukukhuluma ngokumelana naWo akusoze kwathethelelwa kulelizwe, noma nasezweni elizayo."

42 Futhi Wethembisa unyaka wabeZizwe, ekuvalweni konyaka wabeZizwe, kwakuyoba uhlobo olufanayo lwesibonakaliso sobuMesiya njengoba unyaka wamaJuda wawuvala, njengoba unyaka wamaSamariya wawuvala; izigaba ezintathu zabantu, abantu bakaHamu, uShemu, noJafete. Futhi ekupheleni konyaka wabeZizwe, uma leyo kuyindlela aZifakazela ngayo Yena uqobo ukuthi unguMesiya kuze kube sekupheleni kweGen- . . ., e, ekuvaleni kwamaJuda, nokuvalwa kwamaSamariya, khona-ke Uzofanele enze ngendlela efanayo kwabeZizwe. Uma sedlula nje esayenseni yezenkolo khona-ke Wazimelela ngokungesikho Yena uqobo, ngokuzifakazela Yena uqobo

uMesiya kubo ngendlela Akwenza ngayo, futhi masingabi naso lesosibonakaliso esifanayo.

43 Kodwa uma nizobekezela ngokusondele manje, lalelani, kini kulezizihlalo nezinhlaka, uma nizobhekisisa manje, manje, Angazifakazela kuphela Yena uqobo ukuthi uyaphila, kodwa mayelana nokuphulukiswa kwakho, kungumkhiqizo osuqediwe. Ukuba Ubemi lapha kulobubusuku egqoke lesudu Angipha yona, Ubengeke akuphulukise. Uma ufika futhi waMncenga, futhi waMnxusa ukuba, Akakwazi ukwenza lokho Asevele ukwenzile, Ukushiyele kuwe ezisekelweni zokukholwa kwakho. Angeke akusindise ngendlela engeyakho, intando yakho uqobo, ungonelungelo lokuzikhethela, ungakwenqaba, noma ungakwemukela.

44 Niqonda ngokucacile manje na? Angeke akuphulukise ngaphandle kwentando yakho, Angeke akusindise ngaphandle kwentando yakho, kodwa Angazazisa Yena uqobo ezithembisweni zaKhe, khona-ke ukwemukela phezu kwalezozisekelo. Bangaki okuqondayo manje na?

Manje, asikhothamise amakhanda ethu, khona-ke, njengoba sikhuleka.

45 Baba Onomusa kakhulu noNgcwele Owabuyisa futhi kwabafileyo iNkosi yethu ebusisiweyo, futhi uMethule kithi njengomPristi oMkhulu, ephilela njalo ukunxusela phezu kokuvuma kwethu ngalokho Asenzele khona, ehlezi kulobubusuku esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, isandla sokunene soMkhulu, umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Sisondela ebungcweleni baKho kulobubusuku, Nkosi, nesihlalo saKho sobukhosi somusa ngeGama laKhe elenele konke Asipha lona, "Celani uBaba noma yini eGameni laMi, Ngiyokwenza."

46 Manje, Baba waseZulwini, baningi obelindile kuleliviki, ehlezi esakhiweni elindele, elindele lobubusuku ukuba bufike. Bathi amakhulu ajikisiwe esakhiweni. Baba, Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzozenza Ucace kakhulu kulababantu, ukuthi akuyikubakho noyedwa umuntu obuthakathaka phakathi kwethu.

47 O Moya oNgcwele oMkhulu, ngibona ihora esiphila kulo, amathunzi ayehla, ukuphela sekuseduze, futhi, Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi UzoMvumela asoke zonke izinhliziyo, asuse konke ukungakholwa nalo lonke ithunzi lokungabaza. Futhi sikhulekela ukuthi Uzozibonakalisa Yena uqobo ngokusobala kakhulu phakathi kwethu kulobubusuku, ukuthi akuyikubakho noyedwa umuntu, omncane noma omdala, kodwa ozobona ukuthi Ulapha. Futhi kwangathi bangaMsingatha njengoMsindisi wabo nanjengoMphulukisi wabo.

48 Kwangathi abangasindisiwe bangasindiswa, futhi kwangathi abagulayo bangaphulukiswa. Nalabo abahlezi

ezindaweni zamathunzi okufa, kwangathi ukuKhanya okukhulu kungageleza phezu kwabo, kwangathi bangavuka futhi baye ekhaya futhi baphile, ukuze inkazimulo kaNkulunkulu yaziwe oGwini lwaseNtshonalanga, ukuze kushiwo kubantwana babo, nabathandiweyo babo, nabo macala onke, ukuthi uJesu usaphila.

49 Manje, Baba, siyafundiswa eBhayibhelini ukuthi ngelinye ilanga, usuku emva kokuvuka, noma usuku olufanayo, ukuthi kwakukhona omunye wabafundi baKhe ogama lakhe lalinguKleyophase, futhi yena nomngane wakhe babehamba beya emzini othiwa i-Emawuse, benengekile, futhi wayebuyela emuva. Baningi kulobubusuku abakulesosimo, ocabanga ukuthi ibandla lehlulekile, futhi lehlulekile, kodwa Wena awehlulekile.

50 Futhi emgwaqeni nakho kufika Oyedwa ephuma eceleni komgwaqo, futhi uqala ukukhuluma nabo futhi ebachazela imiBhalo, ngenkathi Ebuza ukudabuka kwabo nokwehlulwa kwabo. Wenza sengathi Uyodlula, kodwa baMcindezela ukuba angene. Ngenkathi Esenabo bengaphakathi futhi wavala umnyango, khona-ke Wenza into ethize njengoba nje Enza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, futhi masinyane bazi ukuthi kwakunguYe. Wanyamalala emehlweni abo ngomnyango othile ongemuva, ndawondawo.

51 Benezinhliziyo ezilula nezinyawo ezilula bagijima ngokushesha, babuyela eJerusalema, betshela abantu ukuthi ngempela uJesu wayesaphila. Futhi bakhuluma bodwa futhi bathi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?"

52 Baba, ngikhulekela ukuthi UzoMvumela aphume kulezizikhala zezihlalo kulobubusuku, angene kuyo yonke inhliziyo, ekhuluma nathi emizuzwini embalwa elandelayo, bese-ke ezikhombisa Yena uqobo. Kwangathi Angama kulomsamo phakathi kwethu kulobubusuku, futhi azikhombise Yena uqobo ukuthi UnguJesu ofanayo. Khona-ke kwangathi abagulayo bangaphuthuma ekhaya ngokushesha, bethi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho iZwi liphuma na? Bekuxakile, kodwa *Into ethize* ibikhuluma nami ngaso sonke isikhathi." Siphe khona, Baba, futhi sizoKudumisa ngakho inqobo nje uma sisaphila, futhi sikukhumbule njalo, ngoba sikucela ngobuqotho, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

53 Manje, okwemizuzu embalwa nje, ngithanda nje ukunakisa uMathewu oNgcwele 14:27:

> *Kepha uJesu wakhuluma kubo masinyane, wathi, Yimani* isibindi*; yimina; ningesabi.*

54 Kufanele ukuthi kwase kuthi akube yisikhathi sokushona kwelanga, kwakukade kuwusuku olubi kabi, kwakukhona izinkulungwane zabantu ezazibuthene ngapha nangapha,

kodwa umdobi omkhulu nowakhe omkhulu, umhlane oqatha nemisipha wayesunduza isikebhe esincane ezingwini ezinesihlabathi zechibi. Babewela, beyalwe yiNkosi yabo, ukuba bawelele ngaphesheya, ngenkathi Ibamukisa abantu.

55 Futhi njengoba uSimoni, mhlampe omkhulu kunabo bonke phakathi kwabo, wafuqa isikebhe esincane sasuka ogwini, wakhwela wangena phakathi kwabo bonke abanye abaphostoli, futhi wahlala phansi cishe maphakathi nomkhumbi, futhi wathatha isigwedlo sakhe ngesandla sakhe, futhi lapho bona, mhlampe, bedonsa kabili noma kathathu, base-ke bevayizela ebandleni ababelishiya osebeni.

56 Bese-ke bekhala, abanye babo, "Buyani futhi nisibone futhi, singathanda ukuhamba nani," ngoba babezuze izinhliziyo zabo, futhi babewathanda lamadoda. Babesibonile isandla sikaNkulunkulu sihamba nabo, futhi babazi ukuthi babeyizinceku zikaNkulunkulu.

57 Ilanga lase libabomvu lapho lidlula ezintabeni zaseGalile, nezitaladi zase zizinzile, nesibhakabhaka sase siqale ukuba mnyama ngenkathi, ngiqagele, izigwedlo zithe ukukhuphuka kancane nje. Futhi ngikholwa ukuthi kufanele ukuthi kwakunguJohane osemncane, wayengomncane kunabo bonke phakathi kwabo, mhlawumbe indoda eseminyakeni yayo engamashumi amathathu, futhi ngenkathi bema ukuba baphumule kancanyana nje ngoba umkhumbi wawenziwe ngokhuni olunzima, nezinkulu, izigwedlo ezinkulukazi, futhi wawusinda, nendoda eyodwa esigwedlweni esikhulu futhi kwakunzima, mhlawumbe ekuthuleni kwakusihlwa, imimoya yayizinzile futhi kwakungekho kugeleza echibini, futhi babedonse kanzima impela, Kufanele ukuthi uJohane wadonsela isigwedlo ngaphakathi, wayesethi, "Bazalwane," ake sibhobokele engxoxweni yabo, angahle ukuba washo into ethize enjengale, "singahlala siqinisekile ukuthi asilandeli uhlobo oluthize lomkhohlisi.

58 "Uyazi, ngiyakhumbula ngisengumfanyana," angahle ukuba wathi, "Ngiyakhumbula umama wami ethatha imibhalo egoqwayo yeBhayibheli, futhi wayevame ukuhlala futhi angixoxele izindaba zabantu bakithi lapho befika kulelizwe uNkulunkulu abanika lona, futhi isikhathi esikhulu kanjani ababenaso beza, ukuthi bakhuphuka kanjani bephuma eGibhithe, futhi uJehova wabondla ehlane iminyaka engamashumi amane. Futhi ngangivame ukuthi, 'Mama, baze bathola kanjani noma yini ukuba bayidle ehlane na?'

"Futhi ngiyakhumbula umama wami omuhle, omncane, oyiJuda wayevame ukuthi, 'Johane, s'thandwa sami, uNkulunkulu wanisa isinkwa sabo sivela eZulwini njalo ebusuku.'

"Futhi ngiyothi kuye kanje: 'Mama, uNkulunkulu wabatholaphi ohhavini abakhulu kangako ukwenza isinkwa na?'

"'Awu, uyabo, S'thandwa, uNkulunkulu unguMdali, Akadingi ukuba nohhavini, Uyakhuluma nje futhi Uyadala, iZwi laKhe liyadala.'

59 "Bazalwane, namhlanje ngenkathi ngimi kulelodwala emva kwaKhe, futhi ngaMbona ethatha lawomabheskidi amancane amahlanu nezinhlanzi ezimbili, futhi wahlephula lesosinkwa futhi waphakela izinkulungwane ezinhlanu, ngazi ukuthi Wayeyinto ethize yokwenza nalowo Jehova Owayekwazi ukudala. Niyabo, bazalwane, uma EyiLowo esikholwa ukuthi Unguye, futhi siyazi ukuthi Unguye, iNdodana kaNkulunkulu, khona-ke imisebenzi yaKhe iyoba njengoNkulunkulu, ngokuba Wathi, 'Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa.'

60 "Ngakho lokho kwangixazululela ingunaphakade, ngokuba ngiyazi ukuthi iBhayibheli lasho ukuthi yileyondlela uJehova adala ngayo isinkwa. Futhi bazalwane, Akazange akupheke, Akazange akubhake, Akayanga olwandle ukuyobamba inhlanzi, noma kanjalo Akayiphekanga inhlanzi, Wavele nje wahlephula ucezu lwenhlanzi ephekiwe, futhi ngenkathi Ebuyela emuva, kwakukhona olunye ucezu lwenhlanzi eseluvele luphekiwe."

61 Ngifuna ukubuza lezizethameli okuthize: Hlobo luni lwe-atomu Aludedela lapho na?

62 "Akazange alime ukolo futhi wenza isinkwa, Wavele nje wathatha ibhisikidi, noma, ulofu omncane Awudabula kabili, wayesewunikeza uSimoni, futhi ngenkathi Ebheka emuva ukuba atholele u-Andreya uphisi, omunye wakhuliswa kuwo. NgaMbhekisisa enza lokho izikhathi eziyizinkulungwane ezinhlanu noma ngaphezulu. Kimi, UnguJehova, UnguMdali.

63 "Futhi ngifisa nje sengathi umama wami ubengaphila ukuba akubone lokho, noma, ube lapha namhlanje ukubukela lokho. Bengingathanda kanjani ukuhamba futhi ngimthole, ngamgaxa, ngathi, 'Mama, lowo yilowo Jehova owakhuluma ngaye, ngokuba UnguMdali. Abantwana bakhe wayelambile, njengoba nje babelambile ehlane, futhi Wahlinzeka isinkwa esivela emazulwini, futhi wondla abantu abayizigidi ezimbili nengxenye, futhi lapha namhlanje, emi emhlabeni, ephila esimweni seNdodana yaKhe uQobo, iNkosi uJesu uMsindisi wethu, ngiMbonile, ngamandla kaBaba waKhe, ehlephula isinkwa, futhi esinikezela, amandla afanayo adalayo, ngakho-ke ngiyazi ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu ngempela. Ngiyakukholwa.'"

64 USimoni, ehlezi ngapheseya ngqo kuye ngakolunye uhlangothi lomkhumbi, efusha umjuluko usuka ebunzini lakhe, wathi, "Bazalwane, ngithanda ukunikeza ubufakazi bami."

Niyazi, kukhona okuthize ngakho lapho amaKristu ehlangana ndawonye futhi aqala ukufakaza, akukho nje ukuphela kukho, ayaqhubeka nje. Omunye ufanele abe nento ethize azoyisho, ngoba Ulunge kakhulu kithi size nje sifune ukukuzwakalisa ngenye indlela, futhi asiyitholi neze indawo yokuma, Ulunge kakhulu.

65 USimoni, omkhulu, umdobi oqatha, sengiyambona enikeza ubufakazi bakhe, wathi, "O, umfowethu u-Andreya, ohlezi khona *lapha* ngaphambi kwami, ngiyakhumbula engitshela ukuthi wayehlangane nohlobo oluthize lomProfethi, futhi uyafika wangithola ukuba ngiye emhlanganweni ngolunye usuku. Futhi ngakhumbula lokho ubaba angitshela khona. Nani bazalwane niyazi ukuthi ubaba wami wayengumFarisi. Futhi ngahlala nehlelo lethu, elethu...ngoba ngangingumFarisi, futhi, wayengumFarisi."

66 Futhi wathi, "Uyazi ukuthi kwenzekani na? Ngiyakhumbula ngizwa ubaba wami, ngaphambi kokuba ahambe emhlabeni, ngenkathi esegugile, izinwele zakhe zase zimpunga, ngolunye usuku wangihlalisa phansi eceleni komkhumbi, futhi wathi, 'Simoni, ndodana yami encane, uBabayi ubelokhu ekholwa njalo ukuthi ngiyophila ngibone usuku lokubona uMesiya. Kodwa angazi noma ngizokwenza manje noma qha, ngingahle ngibizwe noma ngasiphi isikhathi ukuba ngiphendule. Kodwa Simoni, ubaba wami wangedlulisela lolulwazi, futhi ngilwedlulisela kuwe.

67 "'Manje, ngosuku lukaMesiya weqiniso, kuyobakhona inqwaba yezinto evukayo, Simoni, lokho okungamanga.'" Futhi siyazi ukuthi iBhayibheli lathi kwenzeka, njalo kuyenzeka. "'Kodwa Simoni, ungadukiswa, Ndodana, uma kufika ngosuku lwakho. Manje, Simoni, uzofanele uhlale ngqo nemiBhalo ukuze wazi Yena, ungathathi okushiwo ngomunye umuntu ngakho, hlala nemiBhalo, Simoni.

68 "'Manje, iBhayibheli lithi umprofethi wethu, uMose, wasitshela ukuthi iNkosi uNkulunkulu wethu ufanele avuse umProfethi onjengaye. Manje, Simoni, loMesiya uzoba ngumProfethi, ne—nesibonakaliso Azosinikeza ukuthi UngumProfethi, ukuthi U—ukuthi UnguMesiya, kuyoba yisibonakaliso somprofethi.

69 "'Futhi Simoni, uyazi ukuthi sihlala sibakholwa abaprofethi bakithi, ngoba lapho abaprofethi bakithi bekhuluma nalokho akushoyo kufezeka, khona-ke uNkulunkulu wasitshela ukuba sizwe lowomprofethi, "Nginaye. Kodwa uma ekhuluma, futhi kungafezeki, khona-ke ningamesabi lowomprofethi. Kodwa uma kufezeka..." Manje, sekube yiminyaka engamakhulu amane, Simoni, selokhu kwaba ngumprofethi wethu wokugcina, siyazi ukuthi lowomprofethi olandelayo ozovuka uzoba nguMesiya, futhi Mqapheleni, Uzokwenza isibonakaliso somprofethi.'

70 "Futhi ngenkathi ngehla ngoluny'usuku echibini, emva kokudoba ngenetha ubusuku bonke futhi ngadumazeka, u-Andreya wangitshela, umfowethu, ohlezi phambi kwami lapha, ukuthi Wayezoba sendaweni ethize. Futhi sasingenisa izikebhe zethu, ngibone bonke abesifazane nabesilisa bebuthana bevela emaqhugwaneni amancane ngasohlangothini lwechibikazi, ngazibuza ukuthi kwakumayelana nani, no-Andreya wathi, 'Simoni, ufanele uhambe nami namhlanje, ngokuba uMesiya uzokhuluma namhlanje, ezansi lapha.'

71 "Awu," wathi, "manje, angikholwanga ukuthi lowo kungaba noma yimuphi uMesiya, kodwa ngiyakukhumbula lokho uBabayi angitshela khona. Futhi ngenkathi ngenyukela eBukhoneni baKhe, ngenkathi ngiMuzwa ekhuluma, ngaphambi kokuba ngifike lapho, kwakukhona into ethile ehlukile ngaYe, Wayebonakala eyiNdoda eyayazi ukuthi Yayikhuluma ngani. Wayengakhulumi njengombhali, Wayekhuluma njengomuntu owayazi ukuthi Wayekhuluma ngani.

72 "Futhi Waphendula ikhanda laKhe ukuba angibone ngiza, futhi wathi nje Engangibona, Wangibuka ebusweni, wayesethi, 'Igama lakho unguSimoni, uyindodana kaJonase.'

73 "Bazalwane, lokho kungixazulule kuze kube phakade. Akusikho kuphela ukuthi Wangazi, Wamazi lowobaba wami omdala omesabayo uNkulunkulu owangitshela ukuba ngibheke lesisibonakaliso, ngakho-ke ngazi ukuthi lowo kwakunguMesiya, ngoba kwakuyisibonakaliso ubaba athi iBhayibheli sasizolandela futhi siMenze uMesiya, ngakho-ke ngazi ukuthi WayenguMesiya."

74 Kufanele ukuthi kwakunjalo, ngaleyonkathi, uFiliphu, ehlezi emuva ngasemuva lesikebhe, waphenduka, wagaxa uNathanayeli, wayesethi, "Nathanayeli, ngifakaze, noma uzofakaza na?"

O, uNathanayeli, njalo engumnumzane ohloniphekile ohloniphekile, wathi, "Qhubeka futhi ufakaze ngakho, Filiphu."

"Awu," wathi, "ngenkathi ngibona lokho kwenzeka kuSimoni, ngangiqinisekile ukuthi Lowo kwakunguMesiya, ngoba Wayekhombisa isibonakaliso sikaMesiya.

75 "Ngakho ngakho-ke, ngazi ukuthi umngane wami omdala omuhle lapha, uFiliphu waye, noma, uNathanayeli wayeyisifundiswa esikhulu seBhayibheli, futhi wayefunde phezulu eBhayibhelini, wayazi ukuthi uMesiya uyoba yini, ngakho ngahamba ngazungeza intaba, amamayela ayishumi nanhlanu, ngaze ngafika endlini kaFiliphu futhi, noma, indlu kaNathanayeli, njalo, ngase ngingqongqotha emnyango. Umkakhe wangitshela ukuthi wayesebuyele engadini yezithelo. Ngabuyela lapho, futhi ngamthola eguqe ngamadolo akhe, ekhuleka, 'O Nkulunkulu ka-Israyeli,' lokho kungenkathi

kwenzeka into ethize, lapho uyokhuleka, 'sithumelele ukukhululwa!'

76 "Futhi ngama ngathi dlengelele, futhi enhliziyweni yami, ngabonga uNkulunkulu ukuthi nganginomlayezo wakhe, ukuthi uNkulunkulu wayengisebenzisile ukuba ngize ngizungeze intaba kumngane wami. Futhi ngenkathi esukuma futhi wathuntutha uthuli izingubo zakhe, ngathi, 'Nathanayeli!'

"Futhi wathi 'Filiphu, ngiyajabula ukukubona,' yena . . .

"Ngokushesha ngamtshela, 'Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene.'"

77 Kukhona okuthize ngakho, noma nini lapho uxhumana noMesiya wangempela, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, awukwazi ukukugcina kunganyakazi, ufanele utshele omunye umuntu, kuyakusabalalisa nje, kuxhuxhumisa inhliziyo yakho, awusoze wafana.

"'Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene, uJesu waseNazaretha, UnguMesiya, indodana kaJosefa.'

78 "Futhi uyazi, uNathanayeli, eyisifundiswa esinjalo, futhi wayengumFarisi weqiniso ngempela, waze wathi, 'Manje awume kancane, manje awume kancane! Manje, Filiphu, impela awuhambanga ekutetemeni kwengane, noma ekugcineni okujulile. Manje, uyazi, uma uMesiya wayefikile, Ubeyokwehlela enhlanganweni yethu, Ubeyozazisa Yena uqobo kithi, Ubeyoya kuKayafase, umpristi omkhulu. Ubengasoze azalelwe eNazaretha, Ubengeke neze asebenzelane nalesosigejane sabagingqiki abangcwele, noma kanjalonjalo, ezansi lapho. Niyazi, ukuba Ubeza, Ubeyoza ebandleni *lethu*, ngoba singabaFarisi.'"

79 Kodwa, niyazi, lesosimo sokuziphatha asikaze sisuke kubantu. NoNkulunkulu akakaze aguquke naye, Wenza lokho Afuna ukukwenza, Wenza lokho Athi Uyokwenza, Uyeza, Akadingi ukuba eze kunoma iyiphi inhlangano, Uza nje kubantu.

Ngakho, siyathola, wathi, "'Awu, manje, woza ubone.'

"Wathi, 'Manje, manje buka lapha, Filiphu, ngikholwa ukuthi uyisifundiswa esikahle, futhi angiboni ukuthi uyoke uwele kanjani entweni enjengaleyo.'

"Futhi ngathi kuye, 'Kukhona okuthize engifuna ukukubuza khona: Awuyazi yini imiBhalo eNgcwele na?'

"'Yebo, ngiyifundisile kusukela ngisengumntwana.'

"'Kulungile, ngitshele-ke, ngitshele-ke uma uyazi imiBhalo, uzoba njani uMesiya lapho Efika na?'

"'Ngani, Uzozalwa yintombi.'

80 "'Futhi, nhloboni yempilo Azoyiphila na? Nhloboni yesibonakaliso Azosinika sona na? Niyazi, singamaJuda,

sifuna izibonakaliso. UNkulunkulu wasitshela ukuba sibheke umprofethi, futhi sibone ukuthi utheni, uma kufezeka, wayengumprofethi kaNkulunkulu. Hlobo luni lwesibonakaliso uMesiya ayoba yiso na?'

"'Awu, ngokwemiBhalo, Uyoba ngumProfethi.'

"'Manje, ngifuna ukunibuza okuthize: Niyamkhumbula lowomdobi omdala owathenga kuye leyonhlanzi ngalolosuku, futhi akakwazanga ukukusayinela irisidi na?'

"'Yebo.'

"'O, igama lakhe kwakunguSimoni.'

"'Ya, ngangivamise ukwazi uyise omdala enhla lapha e—esinagogeni.'

81 "'Awu, wathi nje angenyukela eBukhoneni baloJesu waseNazaretha, Wambuka ngqo ebusweni futhi wamtshela ukuthi igama lakhe wayengubani, futhi wamtshela ukuthi wayeyindodana kabani. Ngani, bekungeke kungimangaze, Nathanayeli, lapho wenyukela phambi kwaKhe, uma Engakutsheli ukuthi ungubani.'

"'O,' wathi, 'manje kungaba khona into enhle njengaleyo evela eNazaretha na?'"

Awu, ngicabanga ukuthi umnika impendulo enhle, impendulo ebifanele ukwenelisa wonke umuntu, wathi, "Woza, ubone."

82 Ungahlali ekhaya futhi ukugxeke, woza, uthole. Woza, uzibonele wena, ubufanele ukhathazeke kangako. Wozani, nibone, nikuhlole ngemiBhalo, nibone ukuthi kuzoba yini.

83 Futhi lapho behamba entabeni bekhuluma, ngokushesha bakhuphukela endaweni lapho uJesu ayekhulekela khona abagulayo. Mhlawumbe wayesemgqeni womkhuleko, noma mhlawumbe wayemile nje ezethamelini, kodwa wathi nje angakhuphuka uJesu wabheka ngale wayesembamba. Niyazi, kukhona okuthize ngalowomBhalo, "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi." Wabamba amehlo akhe, Wayesethi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

84 Ngakusho lokho ngesinye isikhathi, futhi indoda yathi, "Impela, wayegqoke njengomIsrayeli." Qhabo, bonke babegqoka ngokufanayo, ama-Arabu, amaJuda, amaGreki, bonke babegqoka ngokufanayo, indlela yokugqoka yasempumalanga.

Wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!" Lokho kwakhipha umoya koseyili bakhe.

85 Bhekisisani ukuthi uNathanayeli wathini, "Rabi," okusho ukuthi *mfundisi*, *nkosi*, "Rabi, kungokokuqala ukuba Uze ungibone, kungokokuqala ukuba ngike ngiKubone. Uke Wangazi kanjani na?"

UJesu wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona." Lokho kwakwenza.

Wathi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo; Wena uyiNkosi ka-Israyeli."

86 Uma lowo kwakunguJesu izolo, futhi Usenguye namhlanje, lowo nguJesu namhlanje. Uyakukholwa na? Impela.

87 Manje, besingaqhubeka nje siqhubeke emiBhalweni, kodwa ngizama ukubamba isikhathi sami ukuze ningakhandleki, futhi abaningi . . . Ngifuna ukushaya omunye futhi umBhalo, uma kungenzeka, ngaphambi kokuba size emgqeni womkhuleko, ake sithathe nje enye futhi into eyodwa.

88 Emva kokuba uFiliphu eseqedile ukufakaza, u-Andreya, mhlawumbe baqala isikebhe, wathi, "Umzuzu nje, bazalwane, ake ngifakaze." Niyazi, kukhona into ethile efana naleyo, ufuna njalo ukufakaza lapho ngempela uxhumana noJesu. Wathi, "Ake ngifakaze ngathi sonke, ukuze sonke sazi." Wathi, "Niyasikhumbula lesosikhathi Asitshela ngaso ngalokho kusa, noma, ngakuthangi, 'Kusasa sehlela eJeriko'?"

89 Futhi manje ukusuka eJerusalema kuya eJeriko kuphansi ngqo nentaba, niwela ngqo futhi nehle ngqo entabeni niye eJeriko. "Kodwa Wayeswelekile ukudlula ngaseSamariya. Futhi sasihlala sizibuza, kungani Wayefuna ukwenyukela le eSamariya ngaphambi kokuba ehlele eJeriko na? Futhi Wathi Wayenesidingo sokuhamba." Ngani na? UBaba wayeMthuma.

90 "Futhi niyakhumbula, safika lapho cishe emini, futhi Wayekhathele kakhulu, futhi sasiphatheke kabi ngaYe. Futhi Wahlala phansi eceleni komncane, umthombo womphakathi cishe, indawo ebonakala yonke indawo encane lapho ne . . . " Wathi, "Wahlala phansi lapho ukuba athole . . . Sacabanga ukuthi Wayezophuza, futhi kwakungekho, lutho lapho ukuba aphuze ngalo, ngakho thina, Wasithumela emzini ukuba siyothenga umphako, ukudla.

91 "Futhi niyakhumbula na? O, ba . . . Lapho sesiqedile futhi saqala ukubuyela emuva, ngenkathi sikhuphuka kwenzeka ukuba sizwe into ethize emthonjeni, futhi sathi nyelele ngemuva kwezihlahla, futhi sabuka ngale ukuba sibone ukuthi kwakuyini. Futhi kwakukhona owesifazane onodumo olubi ekhuphukela emthonjeni, futhi salalela.

92 "Manje, ngizocaphuna, bazalwane, futhi nonke niyakukhumbula lokhu," ngiyamuzwa u-Andreya esho. "Niyakhumbula, owesifazane wehlisa isigwedlo ukuba akhe amanzi na? Futhi ngenkathi ekhuphula amanzi, sezwa, sabuka ngale, futhi sabona ukuthi Wayezothini ngalowesifazane, onegama elibi. Wayengaphandle kwamabandla, wayengowangaphandle."

Empeleni, wayengumSamariya. Ukwehlukana okukhulu, amaSamariya namaJuda babengasebenzelani omunye nomunye.

93 "Futhi sibonile lona wesifazane, owesifazane obukeka ethandeka, kodwa sasazi ukuthi wayenegama elibi, indlela ayegqoke ngayo. Futhi bakhuphula amanzi, futhi saMuzwa ethi, 'Ngiphuzise, sifazane. Ngiphuzise.'

94 "Futhi niyakhumbula ukuthi samangala kanjani ukuthi iNkosi yethu ibingaba nanoma yiluphi uhlobo lokusebenzelana nowesifazane *onjalo* na? Futhi ngakho, owesifazane wathi, 'Mnumzane, akusilo isiko kuWe ukuba ucele mina, owesifazane waseSamariya, nganoma yisiphi isihawu ngoba UngumJuda.'

95 "Futhi niyakhumbula ukuthi Wathini na? 'Uma nje bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye ubuyocela kiMi amanzi, futhi beNgizokunika amanzi ongadingi ukuba uze lapha ukuzokha.'

96 "Futhi wathi, 'Umthombo ujulile, futhi Awunalutho lokukha.' Futhi niyakhumbula, bazalwane, ukuthi ingxoxo yaqhubeka kanjani ngomJuda nomSamariya."

97 Manje, ngiyakholwa, ngizosho lokhu, ngikholwa ukuthi uJesu wayezama ukuxhumana nomoya wakhe, ekhuluma naye. UBaba wayeMthumele phezulu lapho. Ake ngikucacise lokho engqondweni yakho, ugcine yonke into engiyishilo engqondweni yakho manje, ngifuna ukucacisa lokhu. UBaba . . . Wathi, "Angenzi lutho aze uBaba aNgikhombise."

98 NoBaba kufanele ukuthi waMthumela phezulu lapho, wayesethi, "Yenyuka uze uthole lomthombo," Wayengakaze abe lapho ngaphambili, "hlala phansi lapho, futhi ulinde. NgiKuthuma lapho, futhi okusele kwakho kuzonakekela lapho Ufika lapho."

99 Awu, Umbonile lona wesifazane, futhi kufanele ukuthi kwakunguye, ngakho Waqala ukukhuluma naye ukuba athole umoya wakhe. Manje, khumbulani, uJesu wayekwazi ukubona imicabango nezizindlo zenhliziyo. Futhi iBhayibheli lethu alisitsheli yini, amaHeberu, isahluko 4, ukuthi iZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba kuze kwahlukaniswe nomnkantsha wethambo, noMahluleli wemicabango nezizindlo zenhliziyo nengqondo na? IZwi likaNkulunkulu!

100 UJesu wayeyileloZwi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu." Kwakukhona iZwi likaNkulunkulu lihlaba kulowomphefumulo wowesifazane, lithola lapho inkathazo yakhe yayikhona. Bangaki eklasini lami kulobubusuku owaziyo ukuthi yayiyini inkathazo yakhe na? Phakamisa isandla sakho. Impela. Wayenamadoda amahlanu.

"Ngakho Wathi, 'Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha.'

"'Ngani,' wathi, 'Anginandoda.'

101 No-Andreya wathi, "Bazalwane, niyakhumbula ukuthi sacabangani na? 'A-o, a-o, Wenze iphutha ngalesisikhathi. Impela Unephutha lapho kulomSamariya, kungahle kusebenze kumaJuda, kodwa angazi ngamaSamariya. Impela Wenze iphutha manje, ngoba uthi yena uqobo akanandoda.'"

102 Manje, uma nje nizokhumbula, into efanayo yenzeka kumJuda, futhi, ngesinye isikhathi, ngenkathi iNgelosi kaNkulunkulu yehla enyameni yomuntu eSodoma naseGomora, kwakukhona enye yezindlovukazi zabesifazane abangamaJuda, uSara.

103 UBilly Graham wesimodeni no-Oral Roberts behlela edolobheni laseSodoma futhi bashumayela iVangeli, kodwa kwakukhona Eyodwa yazo eyasala emuva, ikhuluma neBandla elikhethiweyo. Ayizange yehlele ebandleni eSodoma, Ifika kwababizelwe ngaphandle, iBandla elikhethiwe, u-Abrahama. Sisanda kudlula kukho nje.

104 Futhi Esakhuluma no-Abrahama, manje, Yayiyisihambi, futhi Yathi, "Abrahama," futhi khumbulani, ayikaze imbize ngo-*Abrama*, ezinsukwini ezimbalwa nje ngaphambi kokuba igama lakhe lalishintshiwe lisuka ku-*Abrama* laba ngu-*Abrahama*, yathi, "Abrahama, uphi uSara na?" Hhayi u*Sarayi*, u*Sara*, igama lakhe lenkosana, esanda kunikwa yena ezinsukwini ezimbalwa ngaphambili. "Uphi uSara, umkakho na?"

Yayazi kanjani ukuthi wayeshadelwe na? Futhi Yayazi kanjani ukuthi wayenomfazi na? Futhi Yazi kanjani ukuthi igama lakhe lalinguSara na?

No-Abrahama wathi, "Usethendeni emva kwaKho."

105 Yathi, "Ngizokuvakashela, Ngizokufezekisa, usulinde lengane iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila ngaye."

106 NoSara, ethendeni emva kwaYo, wahleka phakathi kwakhe, futhi wacabanga enhliziyweni yakhe, "Mina, isalukazi, esicishe sibe nekhulu leminyaka ubudala, singaba nenjabulo nenkosi yami futhi, umyeni wami na? Mina, isalukazi esiyikhulu, naye cishe eneminyaka eyikhulu ubudala, ngingaphinde ngibe nenjabulo naye na? Ngeke nje kwaba njalo."

107 NeNgelosi, uMuntu owayeyisidalwa esingumuntu, edla inyama, ephuza ubisi futhi edla isinkwa sommbila, no-Abrahama wathi KwakunguNkulunkulu, Wathi, "Uhlekeleni uSara ethendeni, ethi phakathi kwakhe 'Lokhu kungenzeka kanjani na?'" Wangabaza.

108 Manje khumbulani, uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu," ukuthi lowoMoya ofanayo owawumelwe enyameni yomuntu, u-Abrahama ambiza ngo-Elohim. . . Ukhona owaziyo

ukuthi u-*Elohim* usho ukuthini na? Impela, "uMninimandla onke, Okhona ngokwaKhe."

109 U-Abrahama, ukhokho, waMbiza ngo-*Elohim*. Wazimela Yena uqobo emzimbeni wenyama, edla futhi ephuza, futhi njenganoma yisiphi esinye isidalwa esingumuntu. Futhi Wenze lesosibonakaliso eBandleni elikhethiwe ngaphambi kokuba Abhubhise iSodoma. O, ningakugeji, bazalwane, lelohora selifikile. Elohim! UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade. Ngenkathi umzimba waKhe usahlezi ngakwesokunene ukwenza ukunxusela iBandla laKhe, lowoMoya ofanayo uhlala kubantu baKhe, uNkulunkulu, ebonakaliswe esimweni sikaMoya oNgcwele kubantu baKhe, enza into efanayo (Niyakubona na?) kwabeZizwe.

110 Sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili selokhu saba nakho, kodwa Wathi kuyoba ngesikhathi sokuhlwa. Umprofethi wathi, "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa. Kuyoba khona usuku olungayikubizwa ngobusuku noma imini."

111 Manje, il-a-n-g-a liphuma empumalanga futhi lishone entshonalanga, kanye neN-d-o-d-a-n-a, njenge il-a-n-g-a likaNkulunkulu, lena yiN-d-o-d-a-n-a kaNkulunkulu, Yafika kuqala empumalanga. Sibe nosuku olukhwantabele, sibe nokwenele ukujoyina ibandla, nokwenza inhlangano, futhi singenise abanye abantu, nifake amagama enu ezincwadini, futhi nithole ukuthethelelwa kwesono senu, kodwa umprofethi wathi, "Ngesikhathi sokuhlwa kuyakuba ngukuKhanya." Kuyilokho . . .

112 Sikhona lapha oGwini lwaseNtshonalanga, singaphansi kwengxenye yemayela ukusuka emanzini, uma siwela, sibuyela empumalanga futhi. Yingalesosizathu isono sanda, amagagasi asishanelile, futhi nje sonakalisiwe. Kodwa Wathi, "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa."

113 Manje, Wayesebenzana nowesifazane ongumSamariya, nabazalwane esikebheni bathi, "Uyazi ukuthini? Sonke sasicabanga ukuthi Wayebanjwe ogibeni. Siyamangala ukuthi Uzokwenzani manje, wakuphika, wathi, 'Anginandoda.'"

114 "Kodwa lalelani ukuthi Utheni." Sengiyamuzwa u-Andreya ethi, "Kodwa bazalwane, niyakhumbula ukuthi Wathini na? Wathi, 'Usho iqiniso. Unamadoda amahlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho. Usho kahle.'

115 "Manje, sicabangile ukuthi lona wesifazane ongumSamariya, eyisimilo esibi, ukuthi wayezothi, njengoba kwenza abashumayeli abaqeqeshwe kahle, athi, 'Awu, ufanele ukuba nguBelzabule.'" Wayazi kakhulu ngoNkulunkulu kunoma inqwaba yabefundisi yazi namhlanje. "Wathi, 'Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena.'" Manje, lalelani amazwi akhe, kufundeni, uJohane oNgcwele 4, "'Ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Thina,'" thina, maSamariya,

"'siyazi uMesiya uyeza, noMesiya uzositshela lezizinto, lokho kuzoba yisibonakaliso sikaMesiya. Kodwa UnguBani na?'

"Wathi, 'NginguYe okhuluma kuwe.'

116 "Futhi wagijimela emzini, wayesethi, 'Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini lona yena kanye uMesiya na? Akusiso yini leso isibonakaliso uMesiya ayefanele asibonise na?'"

117 NeBhayibheli lathi, "Amadoda aseSamariya akholwa kuYe ngenxa yalokho owesifazane awatshela khona ukuthi Ukwenzile." Ngabe lowo kwakunguJesu izolo na? Lowo bekungaba nguJesu namhlanje, uma EnguMesiya ofanayo. Okuningi kakhulu ebesingaya kukho, asinaso isikhathi.

118 Cishe ngalesosikhathi, babuyisela izigwedlo emanzini, badonsa izikhathi ezimbalwa. Niyazi, ngaso sonke isikhathi babefakaza, babethule kancane, kodwa cishe ngesikhathi bayeka ukufakaza, cishe njengesikhathi lapho ibandla liyeka ukufakaza, linikeza uNkulunkulu udumo nenkazimulo, uSathane ufanele ukuthi wabheka phezulu ngale kwegquma, wathi, "O, lokho. . . Ngibathole lapho nje engibafuna khona, bahambe ngaphandle kwaKhe."

119 Ngiyesaba yilokho ibandla elikwenzile namhlanje. Unentshisekelo kakhulu ekutheni ngabe ungoweFoursquare, noma i-Assemblies, noma i-Oneness, noma iTwoness, kumbe noma ngabe kuyini, ukhathalele kakhulu ukuthi awuzukwakha isakhiwo esithe ukuba sikhudlwana kunesinye, noma awuzukwenza okuthile okuthe ukuba kukhudlwana, noma ube neCadillac enkudlwana, noma into ethize engcono kunabo bonke, ngicabanga ngezinhlelo zethu ezinkulu nemiphakathi yethu sihambile ngaphandle kwaKhe.

120 USathane wakubona futhi uqala ukuphephetha ngomoya wakhe owuphoyizeni, ekhahlela amanzi, wathi, "Ngizobaminzisa."

121 O, yebo, uphephetha ngomoya wakhe onguphoyizeni uyongena ngqo ebandleni lePentecostal. Ngiyazi abantu abaningi bePentecostal useyidelile imicabango yokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Impela, abakukholwa. Ngaya ebandleni lePentecostal esikhathini esingeside esedlule ukuba nezihlalo ezithile, sasinendawo yokugcina izikhali, nezinkulungwane zazimi ngaphandle, ngehla ngase ngibuza lomfowethu oyiPentecostal, wayenezihlalo cishe ezingamakhulu amahlanu, ngathi, "Ngingaziqasha kuwe, Mfowethu na?"

Wathi, "Ukubamba leyonkonzo yokuphulukisa na?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

122 Wathi, "Bengingeke ngivumele umuntu ahlale ezihlalweni zami okholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu." Nakho lapho okhona, lelo yiPentecost. Ningawahleki amaBaptisti.

123 Ukuphefumula kwakhe okunguphoyizeni! Nichezukele kakhulu eziphethweni zehlelo, nichezukele ezintweni ezinkulu, nizama ukulingisa iHollywood, nizama ukwenza izinto njengoba benza lapha oGwini oluseNtshonalanga, noma kunoma yiluphi olunye ugu, nizama ukulingisa izwe, wanibona ningenaWo, nachanyuselwa esigejaneni sezikole ndawondawo, isigejane sabashumayeli bomshini wokuchamsela. Kunjalo.

124 Ngangihlala njalo ngidabukela inkukhu yomshini wokuchamsela, ithi nje, "*Tshiyo, tshiyo*," futhi yayingenaye umama. Yileyondlela esikhipha ngayo abashumayeli namhlanje, ngeziqu zesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo. Eyethu enkulu, inhlangano yamaPentecostal edumile, manje ngaphambi kokuba isithunywa senkolo siye phesheya kwezilwandle, inhlangano enkulu yePentecost, bafanele baye phambi kwesazi sezifo zengqondo ukubona ukuthi ubuhlakani babo bukahle yini.

125 Uhlubukile lapho uthola lokho. Kunjalo. Ubani ubuhlakani bethu na? NguMoya oNgcwele, uJesu. Kodwa sinakho lokho, sibayisa phambi kodokotela, izazi zezifo zengqondo, amadoda ezwe, ukuthola uma ubuhlakani babo bunamandla ngokwenele ukuba yisithunywa senkolo. Hhe! O, he, imimoya kaphoyizeni ivunguza impela.

126 Kufikise ibandla endaweni, ungeke usabatshela abantu bePentecostal kunoma ubani omunye, bonke bacishe bafane nje. Behamba bezungeza, abesifazane bakithi begqoke izingubo zokugqoka ezindala, nabethu, inqwaba yabazalwane bethu baphumela lapho futhi nibabona bemi esitaladini bexoxa amahlaya ukuthi, *mm*, amatilosi adakiwe ayengeke awasho. Niyababona ezansi lapho, amakhosikazi amabili noma amathathu ehlukene, behlala ebandleni, futhi bebenza abadikoni, nakho konke okunye, futhi baphume futhi baziphathise okwezwe nje.

127 Anisayizwa imihlangano yemikhuleko eyimfashini endala, nokubiza uNkulunkulu, konke sekukhohliwe, konke sekwedlule, niyabo. Ngiyesaba sihambe ngaphandle kwaKhe. Anicabangi kanjalo na?

128 Saba nempi, nenqwaba yemali yangena, nemali iqala ukugeleza ivela ndawo zonke, futhi ngicabanga ukuthi sisukile salandela izakhiwo ezinkulu, namahlelo amakhulu, nezinto ezinkulu, futhi saMshiya yedwa. Kunjalo.

129 Kwase-ke kufika endaweni ukuthi onke amathemba lalingasekho, lase lizocwila nje, ngifisa sengathi bengingalibala kulokhu isikhashanyana, kodwa angithembisanga, beshaya ngapha nangapha kulawomagagasi, basebethi abahambe nje. Kodwa niyazi, nginalenduduzo ukunitshela: Wayengahambanga kude kakhulu. Niyazi ukuthi Wenzeni na? Wayazi ukuthi lokho kwakuzokwenzeka, Wayazi ukuthi babezongena kulesosimo,

futhi khona-ke Wayazi ukuthi wawuzongena kulesosimo. Impela. Wenzani na? Ukuze Ababhekisise, Wakhwela intaba ephakeme kunazo zonke eyayikhona ezweni. Uya phezulu kakhulu, ungabona kude. Futhi Wakhwela esiqongweni sentaba, futhi Wayekade ephezulu lapho esiqongweni sentaba ebabhekisisa phandle lapho begwedla.

130 Ngifisa sengathi bengingacula, "Iso laKhe liphezu komzwilili, futhi ngiyazi Uyangibhekisisa." Anikwazi lokho na? Uyakubona ukukhandleka nezinkathazo zakho, Uyabona ukuthi ugula kangakanani, Angathintwa ngokuzwelana nobuthakathaka bakho. Akakhwelanga intaba kuphela, kodwa Wakhwela eKalvari, futhi Wakhwela phezu kwenyanga nezinkanyezi, aze Ahlale esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, aze Akwazi ukubona imihlaba namazulu. Ubhekile, Ulindile.

131 Ngehora laphakathi nobusuku nje, lapho onke amathemba lalingasekho, isikebhe esincane sagxumagxumiswa njengesivalo sebhodlela phandle lapho, ngenkathi odeveli abayizinkulungwane eziyishumi basolwandle babefungile ukuthi babeyobaminzisa labobafundi ngalobobusuku, ngoba babehambe ngaphandle kwaKhe (Yilokho uSathane akushoyo namhlanje, "Nginalesosigejane samaPentecostal, ngiyabayendezelisa. Bayaqophisana, akukho sivumelwano nabo, bafana nezwe nje. Ngiyabayendezelisa emuva naphambili ngamandla ami onke, ngizothi masinya ngibathintithele phansi babe yisigejane esibandayo, esigcina umthetho ngamehlo."), kodwa khona kulelohora elikhulu nangu Uyafika, ehamba eya phezu kolwandle.

132 Mfowethu, dadewethu, lalela sengivala, into efanayo iyenzeka manje eyenzeka ngaleyonkathi, okuwukuphela kweNto eyayingabasiza, futhi ibabuyisele ekuphepheni, babeYesaba, Yayibukeka njengesipoki kubo, babecabanga ukuthi Kwakungumoya. Futhi namhlanje lapho uKristu efika ehamba kithi namandla aKhe obuMesiya, nesibonakaliso saKhe sobuMesiya, njengoba Asho nje, sithi, "Kungukufunda umqondo, noma mhlampe, mhlawumbe, umbhuli. Mhlawumbe yi*lokhu*, *lokho*, *okunye*." Futhi abazi ukuthi imiBhalo yenza isithembiso.

133 Unguye izolo, namuhla, naphakade, futhi uma Engakhuluma kulobubusuku, Ubezothi ezinhliziyweni zenu, ukududuza wena lapha ogulayo, "Ungesabi; YiMina; ungesabi." *Nanti* iZwi laKhe elinikeza isithembiso, *nakhu* Akusho, Akwethembisa. Ngiyakholwa ukuthi Ulapha manje. Nikholwa okufanayo nami na?

134 Bhekisisani! O, bantu, ngilaleleni umzuzu nje. Ukuba-ke Ubengeza ehamba phakathi kwethu kulobubusuku, futhi ubezoZifakazela ukuthi UnguMesiya na? Ubungesaba

ukuthi, “Nkosi Jesu, ngiyaKwemukela njengoMphulukisi wami, angesabi, udokotela uthe amahora ami asehambile, sekuphakathi nobusuku, nginomdlavuza; ngi—nginenkathazo yenhliziyo; ngiyafa; ngikhubazekile, bathi angisoze ngahamba, kodwa angikwesabi Wena”?

UbuyoMuzwa ethi, “Ningesabi, YiMina, Ngethembisa ukuthi Ngiyokwenza lokhu. Njengoba kwakunjalo ngezinsuku . . . ” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

135 . . .?. . . ngingasho empilweni yonke. Wena unguNkulunkulu wethu, futhi siyaKuthanda. Futhi Ungowaphakade kuze kube phakade, Nkulunkulu. Ngikhuleka kuWe, Baba, ukuthi Uzosisiza kulobubusuku. Manje, uma nje Uzohamba ungene phakathi kwethu kulobubusuku, Baba, emva kwalomlayezo omncane osikiwe, ukuvumela abantu babone ngeBhayibheli ukuthi Wawuyini, nokuthi izithembiso zaKho ziyini!

136 Wazimela Wena uqobo, futhi wazifakazela Wena uqobo, naleso kwakuyisibonakaliso ukuthi Wafakazisa kubo ukuthi WawunguMesiya kubo bobabili umSamariya neJuda, kodwa Awuzange ukwenze lokho phambi kwabeZizwe, nakanye. Kodwa Wethembisa ukuthi Uyokwenza ngezinsuku zokugcina, nje, hhayi njengoba kwakunjalo kuNowa, kodwa njengaseSodoma ngaphambi koMlilo, kungaleyonkathi Owenza ngayo, lokho kungenkathi Wenza isibonakaliso ku-Abrahama, iBandla elibizelwe ngaphandle.

137 Ngiyakhuleka, manje, Baba, ukuthi ngiyakholwa ngayo yonke inhliziyo yami ukuthi abantu, iBandla laKho, ubizelwa ngaphandle kuzo zonke izinhlangano, onke amahlelo, iMethodisti, iBaptisti, iKatolika, iPresbyterian, noma yini enye, bayiBandla ngoba bazalwe eMzimbeni kaKristu ofiphele. Abaningi babo bamelwe lapha kulobubusuku, Baba. Ngikhulekela ukuthi Uzosipha izibusiso esizicelayo.

138 Angenele, Nkosi, akusekho okunye engingakusho, ngingacaphuna kuphela iZwi laKho, nje uLicaphunela abantu ngendlela eLilotshwe ngayo, futhi ngibatshele. Manje kukuWe ukufakaza ngokuthi ngabe ngikhulume iqiniso noma qha. Ngikhulekela ukuthi Uzokwenza, ukuthi wonke umuntu ophakathi lapha angaKusingatha futhi athi, “Ngena emkhunjini wami omncane, Nkosi.”

139 Futhi wathi nje Engangena emkhunjini, iBhayibheli lathi, “Futhi masinyane base besogwini.” O Nkulunkulu, ngeke kuthathe kodwa kancanyana nje ukubasindisa, ukuba baphulukiswe, noma basindiswe, lapho beyoKumema khona, futhi Ungene ngaphakathi kubo, exolweni labo elincane, ngenkathi besahamba ngomkhumbi obalulekile wempilo.

140 Abaningi balapha, akungabazeki, kulobubusuku, Nkosi, kodwa lokho amagagasi okugula, umdlavuza, iTB, inkathazo yenhliziyo iyababhonya, sebezokwehla, onke amathemba

aphelile. Kodwa kwangathi bangesabe kulobubusuku, Nkosi, ngokuba singalizwa leloPhimbo eliduduzayo, ngeZwi laKho lithi, "YiMi; yimani isibindi; ningesabi." Sizobe silalele Wena manje, Baba. Leli yiZwi laKho, Wakwethembisa.

141 Mina, siyizinceku zaKho, ngeke ngakwenza lokhu ngogcobo Ongahle unginike lona, Uzofanele ubagcobe, futhi, ukukukholwa, Baba, ngokuba ngenkathi Uya ezweni laKho uQobo, imisebenzi eminingi yamandla Awukwazanga ukuyenza ngenxa yokungakholwa kwabo. Lokho kungenkathi Wena wathi umprofethi kadelelwa ngaphandle kwase—semphakathini wakubo uqobo, ezweni lakubo—lakubo uqobo, noma, izwe. Futhi ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzohlonipha iZwi laKho kulobubusuku, futhi uLenze liphile kabusha phambi kwalababantu.

142 Baba, babheke, bayagula, bayadinga, balele kulelikamelo elishisayo, amakhulu abo ajikile, futhi bamile izitho zabo zize zibe nenkwantshu futhi zibe buhlungu. Nkulunkulu, uSathane makasuke kulendawo manje, makuthi ukukholwa kweqiniso kukaNkulunkulu kuze kungena, kwangathi bangaqonda. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu, njengoba sizinikela thina nalezizethameli kuWe. Amen.

143 Lalelani nje leloculo, *Kholwa Kuphela*. Ngiyababona abaphostoli. Ezinsukwini eziyishumi ngaphambili, babenikwe amandla ukukhipha amademoni, ukuphulukisa abagulayo, futhi nampa, nomfana onesithuthwane, ehluliwe. Cishe babedazuluka, futhi begxoba, futhi bemthela ngamafutha, futhi bempompoloza, "Phuma, wena develi!" Lowodeveli wavele walala khona lapho nje. Ngakho—ngakho owehla egqumeni kuza iNdodana yomuntu, iNdodana kaNkulunkulu, ngenkathi uSathane wayekwazi lokho, wayazi ukuthi wayengahlangani nalabobaphostoli.

144 Ubaba wathi, "Nkosi, yiba nomusa endodaneni yami, ikhwelwe yidemoni ngokuhlukahlukene. Ezikhathini eziningi, iwela emlilweni nasemanzini ukuyibhubhisa. Ngiyilethe kubafundi baKho, abakwazanga ukuyiphulukisa."

145 Awu, kungani bengayiphulukisanga na? Hhayi ngoba babengenawo amandla, ngoba abakholwanga. Lokho ngukuthi, kulobubusuku, uma uphuma lapha ugula, akungenxa yokuthi uNkulunkulu akanawo amandla, Ukunike wona; ngoba awukukholwa, yilokho kuphela. Into efanayo. UJesu wathi, "Ngingakwenza uma ukholwa." Ngabe kunjalo na? Ufanele ukholwe.

146 Billy, uyawakhipha amakhadi omkhuleko na? B, elokuqala kuya ekhulwini. Kukhona amakhadi omkhuleko uB, elokuqala kuya ekhulwini. Manje, bangaki obelapha ngenkathi abafana bekhipha amakhadi na? Asinibone. Manje, niyazi ukuthi benzeni, behlisa amakhadi, bawaxubanise, ukuze nibe nekhadi,

noma ubani olifunayo. Ungahle uthole inombolo yokuqala, omunye athole inombolo yesishiyagalombili, nomunye athole ishumi nesithupha, omunye athole amashumi amathathu-nambili, awazi ukuthi kuzoba kuphi, ngakho-ke umfana akazi, akazi lutho ngamakhadi omkhuleko. Bese kuthi-ke lapho ehla, wena uthi, "Uyihlo uzobiza kusukela kuphi, kulobubusuku na?" Akazi, angazi, kodwa sibiza noma yikuphi lapho uMoya oNgcwele ubeka phezu kwami.

147 Ngangivame ukubiza abantwana abancane phezulu, ngithi, "Yenyuka, Junior, futhi ubale, lapho oma khona, khona-ke—khona-ke sizoqala kusukela lapho." Umama ubeyotshela uJunior ukuthi akame kuphi, ngakho kwakungeke, niyazi nje ukuthi akusebenzi, ngakho ngalendlela kuyazibusa.

148 Saqala kuphi ngobunye ubusuku, bazalwane na? Siqale kwelokuqala, asizange futhi senyukele e, ya, senyukela kwelokuqala kuya kweleshumi nanhlanu. Lokho. . .Sifuna nje ukuthola abambalwa. Umuntu oyedwa ubefanele akwenze, kungenjalo awudingi ngisho nokuthi ukhuphuke nhlobo, yiba nokukholwa nje. Kunabaningi abaphulukisiwe laphaya kunakhona phezulu lapha, empeleni.

149 Asiqale kwenye indawo kulobubusuku. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu. Ake sithi, asiqale ngakuphi na? Elokuqala kuya ekhulwini. Ukuqala nje ukuze sithole. . . Asiqale kwenye indawo ngaphandle kwelokuqala. Ukhipha kusukela kwelokuqala kuya ekhulwini ku B. Lelo yikhadi lomkhuleko u B, ikhadi lomkhuleko u B. Asiqale emashumini amathathu-nanhlanu. Lokho bekungaba amashumi amathathu-nanhlanu, amashumi amane, amashumi amane-nanhlanu, amashumi amahlanu. Lokho bekungaba—lokho bekungaba yishumi nanhlanu lapho.

Ikhadi lomkhuleko B, lamashumi amathathu-nanhlanu, ubani onalo na? Uqinisekile na? Mm, ngiyaxolisa? O, lapha. Ngiyaxolisa. Woza khona lapha, nenekazi.

150 Angazi noma nina bafo abancane beningabuyela emuva ngqo ngalendlela, bantwana, uma beningakwenza, khona lapha, emuva ngqo ngapha ngase-altare, zithandwa, uma ningathanda. Ningabantwana abancane abakahle kakhulu, nihlezi lapho nithule kakhulu ngenkathi ngisashumayela.

151 U B. . .Bekuyiyiphi leyonombolo ebengizoyibiza na? Amashumi amathathu nanhlanu. U B, amashumi amathathu-nanhlanu. Kulungile. Ngubani onamashumi amathathu nesithupha na? Ikhadi lomkhuleko lamashumi amathathu-nesithupha, u B, amashumi amathathu-nesithupha. Kulungile, nenekazi. Amashumi amathathu nesikhombisa. Ngubani onamashumi amathathu nesikhombisa na? Kulungile, nenekazi. Amashumi amathathu-nesishiyagalombili, amashumi amathathu-nesishiyagalombili. Ubani onamashumi amathathu

nesishiyagalombili na? Noma-...? Amashumi amathathu-nesishiyagalombili, amashumi amathathu-nesishiyagalolunye. Ubani onekhadi lomkhuleko u B, amashumi amathathu-nesishiyagalolunye na? Kulungile. Amashumi amane. Kulungile. Amashumi amane-nanye, amashumi amane-nambili. Amashumi amane-nambili, angikubonanga.

152 Manje, mhlawumbe omunye uyisithulu kulobubusuku, ongeke ezwe. Qalaza ekhadini likamakhelwane wakho. Niyabo? Mhlawumbe othile ongakwazi ukusukuma. Manje, lokho akusho ukuthi bazophulukiswa. Lokho yi—lokho yi... Kuthatha ukukholwa kwakho kuNkulunkulu, nginitshelile lokho, ukukholwa kwakho kuNkulunkulu.

153 Amashumi amane-...Ake sibone, ngiqale kuphi futhi na? Amashumi amathathu nesithupha, amashumi amathathu-...? Ngiqale emashumini amane nambili na? Qhabo, ngiqale emashumini amathathu-nanhlanu. Amashumi amathathu-nanhlanu, amashumi amathathu-nesithupha, amashumi amathathu-nesikhombisa, amashumi amathathu-nesishiyagalombili, amashumi amathathu-nesishiyagalolunye, amashumi amane, amashumi amane-nanye, amashumi amane-nambili. Amashumi amane nambili? Manje, kulapha ndawondawo, noma kufanele kube njalo. Amashumi amane-nambili, u B, amashumi amane-nambili.

154 Qalaza umakhelwane wakho, angahle abe yisithulu manje, futhi akakwazi ukusukuma, uyabo, akangizwa. Amashumi amane-nambili, u B, amashumi amane-nambili. Mhlawumbe baphumile. Amashumi amane-nantathu, u B, amashumi amane-nantathu. Ngapha. Amashumi amane-nane, amashumi amane-nanhlanu. Phakamisani izandla zenu, khona-ke nginganibona kalula. Amashumi amane nanhlanu. Emuva le ngemuva, kulungile. Amashumi amane-nanhlanu, amashumi amane-nesithupha. Ngapha. Amashumi amane nesikhombisa. Kulungile, mnumzane. Amashumi amane nesishiyagalombili. Khona lapha. Amashumi amane nesishiyagalolunye. Lokho kuhle. Kulungile, amashumi amahlanu. Emuva le ekhoneni. Kulungile.

155 Manje, ngakho asizuku...Manje, singahle sikwazi ukufika le ngaphezu kwalokhu. Manje ngifuna wonke umuntu phakathi lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi uyagula, ukuba uphakamise isandla sakho, awunalo ikhadi lomkhuleko. Kulungile.

156 Kulungile, manje bukani, manje, besabaqoqela ndawonye, nginakeni manje. Manje, ningenzi noma ubani abe nokwethuka, futhi ngiyacela ningasuki esakhiweni, ngiyacela. Hlalani nithule nje, nithule ngempela. Manje, emizuzwini eyishumi nanhlanu sizobe sesiphumile, uma nje nizolokhu nithule, nithule ngempela. Niyabo, lapho uMoya oNgcwele...

157 Bangaki abasibonile isithombe saKho manje na? Sinaso ezweni lonke. Sisemhlabeni wonke, silenga eWashington, DC, iNsika yoMlilo ukuthi uGeorge J. Lacy, inhloko yeFBI, imilobo yeminwe nencwadi, wathatha isithombe futhi wasihlola okokudalulwa kabili nakho konke, wathi, "Ukukhanya kushaye ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya," futhi wasayina incwadi efungelwe kuyo. Wathi, "Akusiyo isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, ngoba i—iso lomshini lalekhamera ngeke layithatha isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo."

158 Manje, sithi leyo yiNsika yoMlilo efanayo. Bangaki owaziyo ukuthi iNsika yoMlilo eyalandela abantwana bakwa-Israyeli ehlane yayinguKristu na? Impela, kwakunjalo. INgelosi... Awu, ngenkathi Ilapha, Yathi, "Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA." Ngabe kunjalo na? Awu, manje-ke ngenkathi Elapha emhlabeni emzimbeni wenyama, niyabona ukuthi Wayeyini na?

159 Lalelani, nithule ngempela manje, ni—nizokugeja. Niyabona ukuthi Wenzani ngenkathi Elapha na? WaZimemezela ukuthi unguMesiya. Ngabe kunjalo na? Sisanda kwedlula kukho nje. Manje, Wathi, "Kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina, Ngiyakuba nani. Ngivela kuNkulunkulu, Ngiya kuNkulunkulu." Bangaki owaziyo ukuthi umBhalo uyakusho lokho na? Awu manje-ke, Wavelaphi na? LeyoNsika yoMlilo, phansi lapha futhi yahlala enyameni, yase ibuyela kuleyoNsika yoMlilo. Niyakholwa ukuthi yilokho Akwenzile na?

160 Ngani, uPawulu, noma uSawulu, njalo, ehlela eDamaseku, wayesendleleni yakhe, nokukhanya okukhulu kwabaneka phambi kwakhe, futhi—futhi kwamshaya kwamlahla phansi futhi kwamvala amehlo akhe. Ngabe kunjalo na? Futhi Wathi, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?"

Wathi, "Ungubani Wena, Nkosi na?"

Wathi, "NginguJesu." Kunjalo na?

161 Ngenkathi uPetru esetilongweni, Kwakuyini kungena ezitokisini nasemigoqweni, wayesevula iminyango wayesemkhipha na? UkuKhanya, iNsika yoMlilo. Manje-ke uma leyoNsika yoMlilo efanayo esinayo...

162 Izwe lesayense liyazi ukuthi kuyiqiniso. UMnu. Lacy wathi, ubefanele azi, uyindoda kahulumeni, inhloko yeFBI, imilobo yeminwe nemibhalo, yemilobo yeminwe, kanjalonjalo, wathi, "Asikaze sibekhona isithombe ngaphambili nanini esifakazelwe ngokwesayense ukuthi kukhona isiDalwa esingaphezu kwemvelo." Manje, kunjalo. Kusembhalweni wakhe ngqo. Sinakho khona lapha. Esinye sazo silenga ehholo lezenkolo lobungcweti eWashington, DC, okuwukuphela kwesiDalwa esingaphezu kwemvelo esake sathwetshulwa.

163 UMfowethu Arganbright wayenami (Khona *lapha*. Bangaki omaziyo uMfowethu Arganbright na? Elungile, indoda eqotho.), emi khona lapho (Kwakukuphi lokho, Mfowethu na? KwakuseJalimane na?) eLausanne ngenkathi babefuna ukwazi ukuthi ngabe i, leyokhamera yaseJalimane yayizokuthatha. Ngathi, "Mhlawumbe izokwenza."

164 Ngakho ngenkathi ngiMuzwa eza, kwakukhona ofana nompristi, emi ngaphesheya lapho, uMoya oNgcwele uqala ukumtshela ukuthi wayengumholi wamakhomanisi, futhi wamtshela ukuthi wayenenkathazo yesisu, kanjalonjalo, baqala ukuthwebula isithombe, futhi banesithombe saKho sehla, ngenkathi Kugcoba, nangenkathi Kubuyela emuva futhi kwahamba, amakhamera aseJalimane. O, banakho ndawo zonke. Ngakho izwe lesayense, uma ngifa kulobubusuku, izwe lesayense liyazi ukuthi lokho kuyiqiniso, kuvela kuNkulunkulu.

165 IBandla emhlabeni jikelele liyazi ukuthi Kuvela kuNkulunkulu, ngoba Kunezibonakaliso ezifanayo Okwazenza ngenkathi Kuhlala eNkosini yethu uJesu. Futhi singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu ngokwenziwa umntwana ngaYe, noMoya waKhe owawukuYe ukithi. "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Wonke umuntu uyaqonda ngokucacile ngempela na?

166 Manje, ake ngibone futhi, nina eningenawo amakhadi omkhuleko onokugula nezifo, futhi nifuna uNkulunkulu aniphulukise, angikhathali ukuthi nikuphi, phakamisani izandla zenu. Awu, lokho kuthi nje akube ndawo zonke. Manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela, ningabangi nomnci umsindo, hlalani nihloniphe ngokuzithoba ngempela. Gcina nje umoya omuhle ngempela emphefumulweni wakho, futhi yenza lokhu: Wena yithi, ake ngikunike umBhalo omncane manje, wena yithi, "Nkosi, nginjengowesifazane ocindezele esixukwini. Ngenkathi esebonile futhi waqonda, wayekade enomopho, ukubonile Wena, futhi wathi, phakathi kwakhe, 'Uma ngingathinta ingubo yaleyoNdoda, ngizosinda.'"

167 Niyayikhumbula indaba na? Futhi, mhlawumbe, wayengenalo ikhadi lomkhuleko. Kodwa wayefuna ukudlula esixukwini, futhi wacindezela wedlula. Ngakho wathinta ingubo yaKhe, leyo kwakuyingubo elengayo exegayo manje, ingubo ende yasePalastine, Wayengeke neze akuzwe ngokomzimba, ngoba kwafakazelwa, waMthinta *kanjalo*, futhi wabuyela emuva, wahlala phansi. Waphenduka, wayesethi, "Ubani oNgithintile na?"

168 NoPetru oNgcwele omkhulu wathi, waMkhuza, ngamany'amazwi, angahle ukuba washo lokhu: "Uqonde ukuthini ngokusho into ethize enjengaleyo na? Ngani, lowo ngu—lowo ngumbuzo ongenangqondo! Kungani Usho into ethize enjengaleyo na? Awu, wonke umuntu uKugaxile, futhi

bexhawula izandla zaKho, futhi bethi, 'Rabi, siyajabula ukuKubona.' Awu, kungani Ubuza into enjengaleyo na?" Niyabo, yilokho abantu akwenzayo namhlanje.

Wathi, "Kodwa lokhu bekungukuthinta okwehlukile, Ngiyabona ukuthi Ngiphelelwe amandla."

169 Manje, uma ukuthinta okukodwa okunjalo bekungenza iNdodana kaNkulunkulu ibe buthakathaka, bekungenzani kimi, isoni esisindiswe ngomusa na? Ngoba ukuhunyushwa engikunika khona esikhashaneni esedlule, "Lezizinto eNgizenzayo nani niyakuzenza, ne*ziningi* kunalokhu." UnguMandla ami okuqina. Niyabo? Kodwa kukwenza ube buthakathaka. UDaniyeli wabona umbono owodwa, wakhathazeka ekhanda lakhe izinsuku eziningi. Niyabo? Manje, Waphenduka, Wabheka waze Wathola, khona-ke Wamtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, futhi waphulukiswa.

170 Manje, kulaba befundisi, ngiyacabanga, abahlezi lapha emsamo, abazalwane bami, nasezethamelini, bangaki abefundisi, lapha kulobubusuku, ofunde umBhalo ukuthi uJesu Kristu unguye, khona manje, umPristi wethu oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Bangaki abakwaziyo lokho na? Kulungile. Awu-ke, uma uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade, UngumPristi oMkhulu ofanayo, khona-ke Uyofanele enze ngokufanayo njengoba Enzile izolo, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo. Ngabe kunjalo na? Isizathu uNkulunkulu angeguquke. Niyabo?

Awu, manje, uma nje nizoba, ninga—ningethuki, makungasukumi muntu, hlalani nithule nje, futhi ungeke ube nokwethuka, futhi uzobukeka nje unokuthula.

Uthi, "Mfowethu Branham, ngingeza ngikuthinte na?"

171 Lokho bekungeke kube kuhle kunokuthinta lelobhentshi *lapho*, bekungeke kukusize nakancane kunokuthinta lokho, ukungithinta. Anginjalo, lutho ngami, ngiyisoni esingalungile nje, ngisindiswe ngomusa kaNkulunkulu. Thinta umyeni wakho, thinta umkakho, thinta umfowenu, thinta omunye umuntu, yiba nje ngokufanayo, uthinta umuntu.

172 Manje, akwenzi mehluko noma ngabe ngibeka izandla zami phezu kwakho noma qha, kodwa nje kanye nje Mthinte. Mthinte nje, futhi uvumele ukuPhila kwaKhe okuvukileyo okuphakathi kwethu manje, ubone ukuthi Uzokwenzani. Ubone ukuthi namanje Akayena yini umPristi oMkhulu ofanayo.

173 Bazalwane, uma E—uma Ezokwenza lokho, kubukeka sengathi bekufanele kukhiphe konke ukufinyizeka engqondweni yenu. Akukwenzi na? Kubonakala sengathi kuphelele kakhulu, nanto iZwi elikushoyo. Niyabo?

174 Manje, into kuphela ekuvimbela ukuba ukwemukele ngukuminyana okukhulu, ethi "O, ngifisa sengathi

ubengaqhubekela ekhaya, ngikhathele kakhulu. O, ngi—ngizizwa ngikabi kakhulu, ngifisa sengathi ubengayeka." Niyabo, awusoze wathola lutho.

175 Ufanele uhlale uqaphile, ubhekisisa, ubhekisisa ngenhlonipho yokuzithoba, ukholwa, "Nkosi, leli yihora lami. Ngiyeza, Nkosi, mangiKuthinte, leyondoda ayingazi."

176 Bangaki phandle lapho oyisihambi kimi na? Phakamisa isandla sakho, uyazi ukuthi angikwazi. Bangaki emgqeni womkhuleko engiyisihambi kuwe, ukuthi angikwazi na? Phakamisa isandla sakho. Wonke umuntu. Phandle kuzo zonke izethameli, akukho noyedwa umuntu phakathi lapha khona manje engimbukayo, kumbe noma yikuphi lapho engingabona khona, engimaziyo, akukho muntu.

177 Emuva lapha okunguye kuphela engimaziyo yindodana yami uqobo imi lapho, uMfowethu Arganbright lapha, umfundisi lapha, ngixhawulane nalomfowethu lapha, unobhala wami wasensimini, nenye yezimenenja ehlezi khona lapha, yibo kuphela abantu kulesisakhiwo engibaziyo. Futhi uma kukhona okungalungile kubo, ngeke ngikhulume nabo. Ngizokuyeka kuhambe, njengoba besinakho egumbini izolo ebusuku, emuva lapho, ngizokuyeka lokho kuhambe kuze kube yilesosikhathi.

178 Kodwa manje, manje si—sikhulumile ngakho, sishumayelile ngakho, sakumemezela ngeZwi. Bangaki abaziyo . . . uthi, "IZwi lisho njalo"? Asikubone . . . Bangaki othi "Sikholwa ukuthi uJesu wayeqonde lokho nje Akusho, ukuthi leyoNgelosi iyobuyela emhlabeni eBandleni elikhethiwe"?

179 Manje, "Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi," ongakholwayo uyosuka ahambe futhi anikine ikhanda lakhe, "Qhabo, mnumzane." Kodwa Wa—Wayengathunyelwanga kuye, Wathunyelwa ekholweni, njengo-Abrahama. Akazange ehlele eSodoma, Waya eBandleni elikhethiwe, iBandla elibizelwe ngaphandle, iBandla elehlukanisiwe, futhi Wabakhombisa lesosibonakaliso. Njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi, uJesu wathi into efanayo iyokwenzeka.

180 Manje, bangaki okholwayo ukuthi lokho kuqinisile, yisikhathi, yihora? Manje, uma Ezofika, futhi ezokwenza okuthize kulababantu ngalapha ngokufanayo nje njengoba Enza ngaleyonkathi, phandle ezethamelini lapha, nangakulokhu, noma kungaba kuphi, uma Ezokwenza into efanayo, bangaki abazothembisa lokho "Ngakho konke ukukholwa enginakho ngizoMemukela"? Phakamisa isandla sakho, wonke ofuna uku . . . Niyabo, ngizama ukuthola indawana.

181 Manje, asicule kancane nje umzuzwana, *Kholwa Kuphela*, uma wena, Dadewethu, uzosinika indlela kulo:

Kholwa kuphela,

Wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba manje, abe semkhulekweni.

> . . . kholwa,
> Konke kuyenzeka, kholwa kuphela;
> Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
> Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

182 Manje, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ngithatha wonke umphefumulo phakathi lapha ube ngaphansi kokulawula kwami, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Ningayaluzi, hloniphani ngokuzithoba ngempela. Kulungile, qala eyakho . . .

Ubungavele nje uhambe usondele kancane na?

183 Manje, ezethamelini: Manje, kade ngishumayela ngakho ngifuna ukukhuluma nalo wesifazane. Manje ake ngikwesekele ngokomBhalo manje, kini, asithathe lapho ebengikhuluma khona, ake sibone, kube nguJohane oNgcwele 4. Nangu owesilisa nowesifazane. Ngikholwa ukuthi niphakamise izandla zenu ukuthi besiyizihambi komunye nomunye. Siyizihambi. Ngakho izethameli emuva le ngemuva ziyokwazi ukuthi siyizihambi, sobabili nje sizophakamisa izandla zethu ukuthi asazani.

184 Manje, lokhu kufana nje noJohane oNgcwele 4. INkosi yethu ifika emthonjeni, futhi yahlangana nowesifazane, Yayingakaze imbone, wayengakaze aYibone, kodwa Yachaza ukuthi lesosimo sowesifazane sasiyini, lapho inkathazo yakhe yayikhona. Futhi, ngokushesha, wathi, "Ufanele ukuba ngumprofethi. Siyazi ukuthi uMesiya uyeza, futhi lapho uMesiya efika Uyositshela lezizinto." Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na?

185 Futhi manje, Dadewethu, ngisanda kuqeda nje ukusho, ngiyakholwa, ukuthi—ukuthi Wayesendleleni yaKhe eya eJeriko, kodwa wayefanele edlule ngaseSamariya, noBaba waMthumela phezulu lapho. Awu, manje, uma singazani, angikaze ngikubone, futhi awukaze ungibone, futhi lokhu ngukuhlangana kwethu kokuqala, khona-ke . . .

186 Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ungithumele ezansi lapha. UMfowethu Arganbright lapho wangishayela ucingo, futhi wangibuza ukuthi ngingeza yini eLong Beach, kanti futhi ngize kwaMfowethu Arnie Vick. Ngamtshela ukuthi ngiyokwenza. Awu, babeka omabili amaviki phansi lapha ngesizathu esithize, khona-ke ngiyakholwa ukuthi bekunguNkulunkulu enza lokho.

187 Khona-ke ngilapha, khona-ke ulapha. UBaba ungithume lapha, kodwa angikwazi. Ngakho uma uMesiya bekungenzeka ukuba . . . Mina ngingumuntu, isidalwa esingumuntu, uMfowenu Branham, angazi lutho ngawe, uNkulunkulu uyakwazi lokho, neZwi laKhe lapha. Kodwa uma uMesiya ezofika futhi angigcobe, khona-ke Uyokwenza into efanayo Ayenza ezansi lapho, Ubeyokwazi ukuthi inkathazo yakho ibiyini, futhi ubengakutshela.

188 Manje, kuthiwani ukuba—ukuba Ubemi lapha qobo lwaKhe, mathupha, hhayi mina, kodwa Yena na? Ubuyothi, "O Nkosi Jesu, ngiphulukise."

189 Manje, Ubengeke akwenze lokho, Ubeyothi, "Mntwana wami, seNgivele ngikwenzile lokho ngenkathi Ngikufela." Kodwa manje-ke Ubeyothi, "Ukuze wazi ukuthi NginguYe, Ngizokwenza njengoba Ngenza ngenkathi Ngilapha emhlabeni, ngoba Ngeke ngaguquka. Niyabo? Manje, uma uBaba ezongikhombisa ukuthi iyini inkathazo yakho, khona-ke ubungangikholwa ukuthi ngingu Mesiya na?"

Ubungathi, "Yebo, Nkosi." Futhi mhlampe Ubeyokwenza into efanayo Ayenzile, ngoba Ubeyodingeka, U—Usenguye.

190 Kodwa niyabo manje, Yena uqobo lwaKhe, umzimba, uJesu Kristu, uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu eZulwini, kodwa Wathumela emuva uMoya oNgcwele, uMoya wawuphezu kwaKhe. Manje, WayenaWo ngaphandle kwesilinganiso, ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba kwakukuYe. Nginokugcwele nje isipunu okuncane, yilokho esinakho, sinakho ngesilinganiso. Kodwa uma ngithathe isipunu esigcwele samanzi olwandlekazi, ngase ngawakhuphulela lapha futhi ngahlola amakhemikhali akuwo, amakhemikhali afanayo kulo lonke ulwandlekazi likuleso sipunu esigcwele, hhayi nje okuningi kwakho.

191 Niyabo, njengoba ngikhuluma, ngibhekisisa into ethize. Uyazi ukuthi kukhona okuthize okwenzekayo. Manje, uma izethameli zingakubona lokho, okumi phakathi kwami nalowo wesifazane kumi lokho kuKhanya okubukayo esithombeni. *Nakho*-ke. Manje, kungenza ngizizwe ngikahle, ngiyazi Ulapha, ngibe nokukhathazeka okuncane kuqala, kodwa Ulapha manje. Uyazi ukuthi kukhona okuthize okwenzekayo. Ngifuna ufakazise ezethamelini uma kunjalo noma qha, emzuzwaneni nje odlule omnandi ngempela, umuzwa ofana nokuthokomala ufika, omuhle nje, umuzwa othokomele. Kunjalo, akunjalo na?

192 Manje, uma iNkosi uJesu izongazisa okuthize ngawe, ukuthi, angazi lutho, kodwa uma Engangitshela into ethize obuyiyo, noma into ethize efana naleyo, Ubengakutshela ukuthi ubuyini, Ubezokwazi ukuthi uzoba yini, uma Engakutshela lokho, ubuyoba ngumahluleli noma ngabe kuqinisile noma qha.

193 Ukhathazwa yinto ethize ngenqulu yakho, ngiyakholwa, kukhona okuthize okungalungile ngenqulu yakho, yilokho ofuna ngikukhulekele. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho ukuze abantu babone.

194 Kulungile. Uyakholwa manje ngayo yonke inhliziyo yakho na? Manje umzuzwana nje. Niyabo? Ukuze ungeke... uzoqondisisa ukuthi bekungesikho ukuqagela. Kodwa lokho kufana kakhulu njengoba uJesu enza kowesifazane emthonjeni.

Kunjalo. Ngabe kunjalo na? Kunjalo. Kodwa manje ukukwazisa nje ukuthi Uyaligcina iZwi laKhe: Lokho kuyakufakazisa.

Wena uthi, "Bekungaba ukuqagela, Mfowethu Branham."

195 Bengingakuqagela kanjani lokho, lapho, khona manje, bengingazi ukuthi ngimtsheleni na? Bekuzofanele kuphume eteyipini. Manje hloniphani ngokuzithoba.

196 Bheka nje futhi, okombono kuphela nje, yilokho kuphela, ngikubhekile, ya, ngikubona ubuyela emuva, emuva, emuva, yebo, kuse—kusenqulwini yakho. Kulungile, unenkathazo yenqulu.

197 Futhi unomunye umuntu engqondweni yakho omkhulekelayo, lowo yindodana. Kukhona okuthize okungalungile ngayo, kukhonkolo. Kunjalo. Bese kuthi-ke kukhona enye into ethize, lowomfana usibekelwe, lokho kusho ukuthi u—udinga insindiso, akasuye umKristu. Lelo yiqiniso. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Bekuyokusiza na? Awu, bekungakusiza na? Nkk. Morris. Hamba ukholwe.

Manje, uyakholwa eNkosini uJesu Kristu na? Manje, phakamisani izandla zenu nje, bese nithi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu."

198 Baba wethu waseZulwini, Awusishiyanga sodwa, Wena usibusisile futhi usinika okokulunga kwaKho. Ngikhulekela ukuthi Uzosisiza ukuba sikholwe manje, futhi ngamunye aphulukiswe. NgoJesu Kristu iNkosi yethu, siyakucela. Amen.

199 Manje ngicela nihlale phansi, ngiyacela, ngiyacela. Ninganyakazi, hlalani nithule. Niyabo, ngamunye wenu ungumoya. Bangaki okwaziyo lokho na? Impela. Bukani lapha, yini *lena* na? Umunwe wami. Yini *lena* na? Isandla sami. Yini *lena* na? Indlebe yami. Kodwa ngingubani *mina* na? Niyabo? Kungukuthi okwami, mina, ngaphakathi. *Lokhu* kungokwami. Yilokho engikhuluma ngakho, *wena*, umoya wakho. Futhi ngokugcotshwa manje ngoMoya oNgcwele waKhe, ngixhumana nani. Khulekani, khulekani, ningangabazi. Bekungenzekani khona manje uma ibandla belizovele nje liphile na?

200 Ngabe lona ngumuntu olandelayo na? Sawubona, nenekazi na? Asazani komunye nomunye, futhi, ngiyacabanga. Angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Futhi uma Ekwazi, khona-ke indlela kuphela engiyokwazi ngayo bekuyoba ngento ethize Ayongitshela yona.

201 UJesu wathi, "Ngenza njengoba nje uBaba eNgibonisa." Niyabo? Futhi yileyondlela kuphela ebengingayenza, njengoba nje uBaba ubengakhombisa. Kodwa uma Ezongikhombisa ukuthi iyini inkathazo yakho, uzoMkholwa na?

202 Inenekazi eliyikhaladi lihlezi lapho, khona phandle lapha, lunomfutho wegazi ophakeme, uyakholwa ukuthi uJesu Kristu

uyakusindisa manje na? Uthinte Into ethize, awuyithintanga na? Kulungile. Usuphulukisiwe manje, uJesu Kristu ukuphulukisile.

203 Manje, ngitshele ukuthi uthinteni, ngitshele ukuthi uthinteni. Uthinte umPristi oMkhulu. Angilazi lelonenekazi, angikaze ngilibone. Kodwa ngiphendukile lapha, ngazi ukuthi *lona* bekungowesifazane omhlophe, futhi ngabuka, bekukhona inenekazi eliyikhaladi limi *lapha*. Ngiqalazile, belifake okuncane, into ebukeka ixakile phezu kwekhanda lalo, ngacabanga, "Kukuphi na?" Ngikuzwile kuhamba, njengokushaya kwenhliziyo, kuthi "*tshu*, *tshu*, *tshu*, *tshu*," ngabuka, bekulapho-ke, ngakubona kuqaqeka kanjalo. Ngibabonile bebeka into ethize engalweni yakhe futhi bayiphampa, futhi Wathi "Umfutho wegazi ophakeme."

Sekuphelile manje, Dadewethu, uJesu Kristu ukuphulukisile.

Ngabe UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu na?

204 Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela manje. Sifuna . . . UNkulunkulu uyakhonzwa, sithanda ukuMkhonza, kodwa uMoya oNgcwele unamahloni kakhulu, thulani ngempela nje. Manje nina bafo abancane yibani ngabakahle ngempela, ezansi lapha manje, ngaphambili, nikahle ngempela manje, nithule ngempela.

205 Wonke umuntu qala ukukhuleka manje, uthi, "Baba, ngiyadinga," ngenkathi ngisakhuluma nalo wesifazane lapha, ngoba kulula ukuxhumana naye. Angisho ukuthi Uyomtshela noma yini, kodwa uma Engamtsheli . . .

206 Uma Engasho neyodwa into kuwe, uma nje ngedlula kuwe futhi ngibeke izandla phezu kwakho, uyazi kufanele kube nolunye uhlobo logcobo lapha. Ngabe kunjalo na? Bengingeke ngizazi lezizinto. Awu khona-ke, uma uKukholwa ukuthi kunguMoya oNgcwele, uthola umvuzo wakho; uma uKubiza ngento ethize, lokho bekuyoba phakathi kwakho noNkulunkulu, uyabo, bengingeke ngazi. Ngingamemezela kuphela ukuthi iBhayibheli liyakusho, naNti ukuba likufakazise.

207 Manje, udadewethu emi phambi kwami, uhlushwa yi—yisimo sokwethuka, nento ethize engalungile emphinjeni wakhe. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

208 Uyakholwa na? Nibhekisisa manje. Ngikholwa ukuthi bekungangcono uma nje ngithatha isikhathi sami nabambalwa babo kanjalo, futhi nje ngikubhekisise, ngicabanga ukuthi kuzobamba izethameli kangcono kunokuqala nje ukugijimisa isixuku esikhulu sidlule. Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela, ngizizwela ngiholeleka ukwenza lokhu.

209 Kukhona enye into ethize emqondweni wakhe, akaka—akakazikhululi namanje, kukhona okunye okuthize

lapha. Yebo, ngiyabona ukuthi kuyini, yinkathazo ohlangothini lwakho. Yisimila, akusiso na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi sikuluphi uhlangothi na? Ngakwesokunxele. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uyakholwa manje na?

210 Kukhona enye into ethize enhliziyweni yakho, leyo indoda. Leyondoda ngumyeni wakho, ihlezi phandle lapho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakhe na? Uzoyikholwela, bese ubeka leloduku kuyo na? Inenkathazo ngamehlo ayo, nangezindlebe zayo. Kunjalo, phakamisa isandla sakho. Hamba, ubeke iduku kuyo, isinde eGameni likaJesu Kristu.

211 Yibani nokukholwa manje, yibani nokukholwa. Manje yonke into isiba njengokuKhanya kuyo yonke indlu kanje, ngakho manje hloniphani ngokuzithoba ngempela. Futhi uma ngingakwazi ukunibona emva kwalokhu okwesikhashana, awu, sizonibona kusasa ebusuku. Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela, wonke umuntu manje, futhi nizame ukusiza, nisebenze nami. Niyaqonda. . . Uma noma ubani efuna ukuza, athathe indawo yami, ungeza ngqo, niyabo, niyabo. Kodwa nje hloniphani ngokuzithoba ngempela, manje kholwani.

212 Ngilapha. . . Angisuye umshumayeli, a—anginayo imfundo yokuba ngumshumayeli. UNkulunkulu wangipha. . . wangenza enye into ethize, niyabo, ukuze ngikwazi ukunisiza. Umelusi wenu angashumayela kini futhi anisize, kodwa U—Unginike lokhu ukuba nginisize, ngoba ngiyanithanda, futhi Uyanithanda, Ufuna ngizwakalise uthando lwaKhe kini.

213 Sawubona? Manje, nasi isithombe esihle futhi, u—udade oyikhaladi nomlungu. Manje, lokho kuyafana njengoba kwakunjalo eSamariya, iJuda nomSamariya. Kodwa uJesu ngokushesha wamazisa, washo ngenxa yokuthi sakhuliswa engxenyeni ehlukile yezwe, futhi saphendula izikhumba zethu zibe nombala ohlukile, uNkulunkulu unguNkulunkulu wazo zonke izinhlanga.

214 Yena, njengombhede wezimbali nje, Unezimbali ezimhlophe, nezimbali ezibomvu, nezimbali ezil'hlaza s'bhakabhaka, futhi leso yisixha saKhe sezimbali, niyabo. U—Usenza ngalendlela, kodwa izinhliziyo zethu, sonke sivela kumuntu oyedwa, u-Adamu no-Eva. Kunjalo. Izwe esasiphila kulo, lashintsha umbala wethu, akuhlangene ngalutho nemimoya yethu nezinhliziyo. Lelo yiqiniso. UNkulunkulu unguqobo nje kuwe njengoba Enjalo kunoma ubani omunye. Uyakukholwa lokho na? Futhi uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Niyazikholwa izinto engizishilo na? Ngiyazi niyazikholwa.

215 Ngisanda kuphuma nje e-Afrika kamuva, eminyakeni embalwa edlule, ngibuyela emuva futhi, futhi. O, ukubona lokho kukholwa, lokho kukholwa okulula!

216 Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe na? Uzokukholwa, kwangathi Angakupha khona. Inkathazo yenanzi, yinanzi.

Manje, nonke nina bantu abangamakhaladi kholwani manje; udadewenu lona.

217 Linda, okunye okuthize okungaphezu kwalokho, futhi. Wathi kwakuyinkathazo yamathumbu, amathumbu, futhi ayashwabana, ayashwabana, ayabihlika, amathumbu. Kunjalo. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uma ngikutshela ukuthi ungubani igama lakho, ungangikholwa kangcono na? Izethameli beziyokholwa kangcono na? Ubungakholwa na? Nkk. Jefferson, hamba uye ekhaya, uJesu Kristu uyakusindisa. UNkulunkulu akubusise.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

218 Sawubona? Siyizihambi komunye nomunye. (Ngitsheleni lapho sengidlulisa abathathu, bese kuthi-ke ngizo. . .) Siyizihambi komunye nomunye, angikwazi, wena awungazi. [Udade uthi, "Kade ngisemihlanganweni yakho."—Umhl.] Memu? ["Kade ngisemihlanganweni yakho. . .?. . ."] Uke waba semhlanganweni wami, kodwa bengingeke ngikwazi, uvele wahlala phandle ezethamelini. Kulungile.

219 Kukhona okuthize okwenzekile, kodwa ngikugejile. Bekulelokhona, mhlawumbe bekuyilelonenekazi. Inenekazi elisanda kuhlala phansi, ngabe ubuyinenekazi elisanda kukhulekelwa, noma okuthize na? Yebo. Ngi—ngikubhekisisile lokho kuKhanya, Kusukile emsamo, kodwa ngicabange ukuthi bekuyindoda. Yindoda, ehlezi khona lapho, enenkathazo yomphimbo. Ya. Yebo, mnumzane. Indoda ehlezi eduze kwakho ijabule ngempela, ngoba isanda kuphulukiswa nje, inkazimulo kaNkulunkulu iphezu kwayo. Leyondoda ibinenkathazo yomphimbo. Inkathazo yomphimbo wakho isikushiyile, mnumzane. Umngani wakho ohlezi lapho ekukhulekela ulethe amandla kaNkulunkulu phezu kwakho. Hamba manje, izono zakho zithethelelwe, umphimbo wakho uphulukisiwe. Hamba futhi uphiliswe, eGameni leNkosi uJesu.

Nginiphosela inselelo: Yibani nokukholwa kuNkulunkulu.

220 Lelonenekazi elihlezi ngemuva lapho, lingibuka ngqo njengoba lingenza, anikuboni lokho kuKhanya kumi phezu kwalo na? Lihlushwa yinkathazo yesinye. Uyakholwa nge. . .? Sukuma, Dadewethu, sukuma futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho. Kulungile, qhubeka, uJesu Kristu uyakusindisa.

221 Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Ngabe siyizihambi komunye nomunye na? Phakamisa isandla sakho, nenekazi, uma lokho kunjalo. Kulungile. Hamba uye ekhaya, uphile. Lapho uhlezi emuva phansi, kukhona inenekazi elihlezi eduze kwakho ngqo lapho, elikhathazwa yinkathazo

yomphimbo, futhi. Sukuma, nenekazi, futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho. Siyizihambi omunye komunye. Hamba uye ekhaya, futhi uphile, uJesu Kristu uyakusindisa.

222 Aniboni ukuthi Uyaphila na? UKristu uyaphila, Unguye izolo, namuhla, naphakade. Yibani nokukholwa kuNkulunkulu nje, bantwana, yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi, kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho. "Uma ukholwa, konke kungenzeka."

223 Unesimo sokwethuka, ukukhwehlela. Yilokho okukwenza ukhwehlele yimizwa yakho. Uyesaba ukuthi kukhona okuthize okungalungile emphinjeni wakho, kodwa akunjalo. Lapho uthola ukwethuka, yilapho ukhwehlela khona kakhulu. Leyo akusiyo into yakho enkulu, nokho, ukhulekela omunye umuntu. Wehlelwa yingozi, akazange na? Indodana, esibhedlela, iqulekile ingxenye. Uyesaba noma ngabe izofa, noma okuthize, i—isindisiwe, kodwa uyesaba kancane ukuthi ayikhulekelwanga kahle nje. Akunjalo na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile, kulungile, qhubeka, izophuma kukho kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi ungangabazi, yiba nokukholwa.

224 Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe na? Lokho kuyabangabazisa abantu lapho ngisho lokho. Angizisho ukuthi ngingumprofethi, nje ngingowaKhe umfo-. . . Ngi—ngiyinceku yaKhe, umfowenu.

225 Umzuzwana nje, umzuzwana nje, kukhona okuthize okwenzekile ndawondawo ezethamelini. Hloniphani ngokuzithoba manje, yilokho-ke, hloniphani ngokuzithoba ngempela futhi nikhuleke manje, finyelela nje phezulu bese uthi, "Nkosi Jesu," angikhathali ukuthi unesidingo sani, uthi, "leyondoda ayingazi. Anginakhadi lomkhuleko, angizukuba kulowomugqa womkhuleko, ayingazi, kodwa, Nkosi, uma nje Uzongivumela ngithinte ingubo yaKho, khona-ke Yiphendulele ngakimi." Niyabo? Bonani nje ukuthi lokho akunjalo yini. Nje, manje hloniphani ngokuzithoba ngempela.

226 Asazani nomunye, asazani. Uma lokho kunjalo, kanjalo nje, siphakamisa izandla zethu, abantu bayabona. Kulungile. Siyizihambi komunye nomunye, khona-ke, kodwa uNkulunkulu usazi sobabili. Niyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Manje, isizathu sokuba ngisho lokho, Wangitshela . . . Nifundile, mhlawumbe nayifunda incwadi yami, senake nayifunda incwadi na? Wathi, "Uma uthola abantu ukuba bakukholwe." Ukholwa ini na? Hhayi ukukholwa mina ukuthi nginguYe, kodwa ukholwe ukuthi Ungithumile. Niyabo? Uzofanele athole umuntu othize, ndawondawo. Niyabo?

227 Ngakho Unamanye amadoda ensimini, amadoda amakhulu, ngingomunye wamancane. Kodwa ingxenye yami encane, ngithanda ukuMenzela, ukuMkhombisa ukuzwakalisa

kwami ngothando lwami ngaYe, ukuba ngibe nenhlonipho yokuzithoba. NgiyaMthanda ngenhliziyo yami yonke. Futhi ngeke ngaMthanda ngaphandle kokunithanda nonke. Niyabo? Ngokuba Angaqoka nginganithanda nonke kunokuba ngithande Yena; ngingaqoka ukuba nithande abantwana bami esikhundleni sokuthanda mina. Futhi mina, ngingumzali, ngicabanga lokho, kuthiwani ngaYe na?

228 Manje, wena uthi, "Mfowethu Branham, wenzani na?" Ngilindele ukubona ukuthi Uzongitshelani. Uma Engangitsheli lutho, futhi ngifike nje ngibeke izandla phezu kwakho, ubungakholwa, noma kanjani na? Uzokholwa, noma kanjani.

Ngabe izethameli beziyokholwa ngaleyondlela, noma kanjani na? Nakho kufika, nokho.

229 Ube nokuhlinzwa, kubi impela, akwenzi kahle, uyesaba. Wesaba umdlavuza manje. Uyakholwa ukuthi Angangitshela ukuthi ukuhlinzwa bekuyini na? Ngiyakubona ukuhlinzwa, bekuyinyongo, ngiyakholwa, kunjalo. Uyesaba. Uma ngingasho lutho, ukuthi kuyini, noma ngabe kuyikho, uma uNkulunkulu ezokuvumela nje ube nokukholwa, yilokho kuphela okudingayo, akunjalo na? Kunjalo na?

230 Uma Ezongitshela ukuthi ungubani, noma uvelaphi, noma into ethize efana naleyo, noma enye into empilweni yakho, uzokholwa na? Ubungazenza ukholwe ngempela…? Uyazi ukuthi angikwazi. Awusuye owalapha, ungowasendaweni ebizwa ngeDowney. UnguNkk. Kelly. Manje buyela emuva, usuphulukisiwe, uJesu Kristu uyakusindisa.

Uyakholwa na? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, ungangabazi.

Lowo wesifazane, ngabe lowo wesifazane usanda kuphulukiswa, noma wakhulekelwa na? Lokho kuKhanya bekukhona lapho nje esikhashaneni esedlule, khona lapho akade ekhona.

231 Othile ekhuleka. Nsizwa, unalo ikhadi lomkhuleko na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, inceku yaKhe na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphulukisa umngane wakho na? Uma ngizokutshela ukuthi yini engalungile, uzokukholwa na? Umdlavuza. Yiba nokukholwa futhi ukholwe manje, uzosinda. Amen.

232 Inenekazi elihlezi khona emuva lapha lingibuka, unenkathazo ngonyawo lwakho, kwabangelwa ukuhlinzwa, ugqoke izibuko, izinwele ezinsundu. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile, ungaya ekhaya futhi uphile, uJesu Kristu ukuphulukisile.

Uyakholwa, mnumzane na? EGameni likaJesu Kristu, hamba futhi uphulukiswe. Amen. Yiba nokukholwa manje, ungangabazi.

233 Nenekazi, unokuthile okungalungile ngeso lakho. Uma ngizokutshela ukuthi kuyini, uzokholwa na? Ngumdlavuza. Uzokwemukela ukuphulukiswa kwakho na? Khona-ke, eGameni likaJesu Kristu, hamba futhi uphulukiswe.

Wonke umuntu akakhuleke manje, yibani nokukholwa.

234 He, nangu omunye, umdlavuza. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, Dadewethu na? Woza, ake ngibeke izandla phezu kwakho ngenkathi ugcobo. . .Hamba manje, futhi kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angakuphulukisa futhi akusindise.

235 Leyonkathazo yezinso isukile kuwe usahlezi lapho. Hamba futhi uphiliswe. Kholwa eNkosini uJesu ngayo yonke inhliziyo yakho. Ungangabazi, kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho. Kulungile.

236 Woza, nenekazi. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? UNkulunkulu angayiphulukisa inkathazo yenhliziyo. Anikukholwa lokho na? Uyakholwa ukuthi eyakho iphulukisiwe na? Khona-ke hamba ngendlela yakho, futhi uthi, "Ngiyabonga, Nkosi Jesu," futhi usinde.

Ubunenkathazo yamanenekazi, kanti futhi nenkathazo yenhliziyo. Uyakholwa ukuthi sekuhambile na? Kulungile, hamba ngendlela yakho, futhi uthi, "Ngiyabonga, Nkosi," uphiliswe.

237 Indoda enguntanga yakho ifanele ibe nendlala encane, inkathazo yokwethuka, kodwa enye yezinto zakho ezinkulu ngumbulali, leyo yinkathazo yenhliziyo. Uyakholwa ukuthi Uzokuphulukisa na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Hamba futhi uphile, uJesu Kristu uyakusindisa.

238 Woza ukholwa manje. Sawubona, nenekazi na? Uzace kabi kabi, kodwa unethunzi phezu kwakho, usibekelwe yithunzi lokufa. Ngumdlavuza, umbulali. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Hamba.

Futhi ngiyamkhuza lowodeveli kudadewethu, eGameni likaJesu Kristu, Sathane, phuma kuye.

Ngiyisihambi kuwe, nenekazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho na? Ubungakholwa na?

239 Awume kancane. Uhlezi khona lapho nenkathazo yesisu, mnumzane, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakusindisa na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Indoda enekhanda elimnyama, umfo osemncane ogqoke iyembe elimhlophe, ekhuleka lapho ne. . .Manje, yilokho-ke. Hamba uye ekhaya, futhi udle manje, yisisu esinokwethuka, besikuvimbile. UyaMkholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakwemukela ukuphulukiswa kwakho na? Sukuma, uma ukholwa, sukuma nje ngqo. Kulungile, hamba uye ekhaya, uJesu Kristu uyakusindisa.

240 UNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakho, uzongikholwa yini, ngiyoba ngumprofethi waKhe, inceku yaKhe na? Isifo sakho sikashukela sizokushiya, uma uzokholwa. Hamba uye ekhaya, uphile, uJesu Kristu uzokuphulukisa.

241 Nenekazi, unezinto eziningana ezingalungile ngawe, kunjalo, njengenenekazi elingangawe empeleni beliyoba nakho lokho. Kodwa into ofuna ngiyikhulekele yinkathazo yenhliziyo. Kunjalo. Unokwethuka, inhliziyo ebuthakathaka. Lapho ulala phansi, kuba kubi kakhulu kunanini. Ngakho manje uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaya ekhaya futhi uphile, uJesu Kristu uyakusindisa.

242 Kuthiwani ngokukholwa na? Uhlezi lapho kulesosihlalo esilula esigoqwayo, angikwazi ukukuphulukisa. Unalo ikhadi lomkhuleko na? UNkulunkulu angakusindisa, uma uzokholwa. Ungeke wahlala lapho futhi uphile, njengabanochoko ababehlezi esangweni, bathi, "Sihlaleleni lapha size sife na?" Uxhumene ne*Nto ethize*, usekuxhumaneni naYe manje. Uthinte ingubo yaKhe, uma nje bengingakwenza ukuba ukubone! Ubulawa ngumdlavuza, kodwa uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uJesu Kristu uzokusindisa.

243 Abanochoko bathi, "Sihlalelani lapha size sife na? Uma sihlala lapha sizofa." Uma uhlezi lapho, uzofa. Sukuma eGameni likaJesu Kristu, uye ekhaya futhi uphiliswe-ke.

244 Wonke lowo ofuna ukukholwa kuYe, niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke na? Yimani ngezinyawo zenu, nonke, futhi nemukele ukuphulukiswa kwenu. Phakamisani izandla zenu. Haleluya!

245 Nangu—nangu omunye wesifazane esukuma esihlalweni sakhe esinamasondo. Bami yonke indawo, macala onke phezu kwesakhiwo phansi lapha, phansi phakathi lapha bayasukuma. Sukumani niphume ezihlalweni zenu ezinamasondo, sukumani. Lokhu yi . . . INdodana kaNkulunkulu iphakathi kwenu, uKristu uMphulukisi. Sukumani, niphakamise izandla zenu futhi niMnike udumo.

Nkosi Jesu, ngikhipha udeveli wokungabaza kulesisakhiwo.

Phuma lapha, Sathane, ngikuphosela inselelo, eGameni likaJesu Kristu.

